# *Banumzane, Sithanda Ukubona UJesu*

Asikhothamise amakhanda ethu manje senzele umkhuleko.

2 Baba wethu waseZulwini, siyabonga kuWe, kulobubusuku, ngezethembiso esinazo kuleliculo. Singambona nje umfana onesithuthwane kulelo lumbo, uyise eza ukuzohlangana naWe, futhi ebuza ukuthi Ungaba nesihawu yini. Futhi Wathi, "Ngingakwazi uma nikholwa. Konke kuyenzeka kwabakholwayo."

3 Wethembisa ukuthi Awusoze wasishiya noma usilahle. UmBhalo uthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi Uthanda nje, kulobubusuku, ukuphulukisa ukugula kwethu njengoba Wawunjalo ngaleyonkathi, ngokuba Usenguye. Futhi Wethembisa eZwini laKho ukuthi izinto Ozenzile, siyozenza futhi. Leso yisithembiso saKho, futhi siyazi ukuthi kuyiqiniso.

4 Ngakho kwangathi zonke lezizithembiso ezinkulu, Nkosi, zingagcwaliseka kubantwana baKho kulobubusuku, ukuze yilowo lalowo amukele lokho abakuzeleyo. Futhi lapho inkonzo izovala kulokhu ukuhlwa, futhi siya emakhaya ethu ehlukene, sengathi singakhuluma phakathi kwethu njengalabo ababevela e-Emawuse ngalolo suku. Wawuhambe nabo usuku lonke, futhi abakwazanga Wena. Kodwa ngalobobusuku, ngenkathi Ubathola bebodwa egumbini, Wenza into ethize njengoba Wenza ngaphambi kokubethelwa, into ethize engekho omunye umuntu owayenza ngaleyo ndlela nje. Futhi babonile nga*lokhu* Okwenzile, ukuthi WawunguKristu ovukileyo. Futhi bathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma nathi endleleni na?"

5 Sikhulekela ukuthi Uzobuyela kithi, kulobubusuku, Nkosi. Laba bantu abambalwa nje, kodwa Wena wathi, "Uma ababili noma abathathu bebuthene eGameni laMi, Ngiyoba phakathi kwabo." Leso yisithembiso saKho, Nkosi, futhi sikholwa ukuthi kuyiqiniso. Silindele manje, eGameni leNkosi uJesu, ukuqinisekiswa kweZwi laKho. Amen.

Ningahlala phansi.

[Umfowethu unikeza isiprofetho—Umhl.]

6 Amen. Makabongwe uBaba wethu waseZulwini ngaleso sikhuthazo esikhulu. Kufanele kusenze sizizwe kanjani, ngaphambi kokuba inkonzo iqale, Usinike isithembiso ngomoya wesiprofetho, ukuthi sizoMbona phakathi kwethu phakathi lapha. Manje, ingabe kunjalo na? Impela kunjalo. Kuvela

kuNkulunkulu. Noma yini evela kuNkulunkulu ilungile ngaso sonke isikhathi. Malibongwe iGama leNkosi.

7 Ngibonga kakhulu ngokuphila esikhathini lapho uMoya kaNkulunkulu uphakathi kwabantu baKhe, ebizela ngaphandle, ehlukanisa iBandla ukuba aliyise eKhaya, okwensali eyosala emhlabeni lapho Efika, ukuba yemukelwe phezulu emaZulwini. Ngiyabonga ngakho.

8 O, leli yihora elihle. Ngi—ngijabule kakhulu ngokuhlala lapha. Niyazi, uMose wayengathanda ukuphila kulesi sikhathi. Bonke abaphostoli babengathanda ukuthi babephila kulesi sikhathi. Futhi silapha, siphila kulesisikhathi, futhi siphila ngaphansi kwamalungelo ethu. Ukuthi uNkulunkulu ufuna kanjani ukubusisa abantu baKhe.

9 Manje, niyazi, sitsheliwe ukuthi usuku lapho iNkosi ifika, bekuyoba uhlobo olungalindelekile, futhi ibandla belizobe seliphola. Futhi ngisanda kuqeda nje, etabernakele lami ekhaya, nge—iminyaka yebandla yokugcina eyisikhombisa. Futhi kuyaphuma . . . kuseteyipini manje, futhi kungukuthi, ngithathe unyaka webandla ngamunye, ubusuku ngabunye, ngenza *ImiNyaka yeBandla eyisiKhombisa*, okuyisikhombisa kokugcina . . . izinti zezibani, nezithunywa eziyisikhombisa zeminyaka yebandla kanye . . .

10 Mina, kukho konke . . . Angisiye umshumayeli kakhulu, kodwa konke lokho mina . . . yonke imizamo engiyenzela iNkosi empilweni yami yonke, angikholwa ukuthi yake yaba nempumelelo njengoba leyo yayinjalo.

11 Ngokuba kwathi nje lapho ngehla, futhi ngingazi ukuthi ngizodwebani leminyaka yebandla ebhodini, kukhombisa ukuthi ungakanani uMoya oNgcwele ofika oNyakeni weBandla lase-Efesu, kwase-ke kwehlela eSmirna, nasePhergamu, naseThiyathira, futhi kuqhubeke kuphume, futhi uma leyoNgelosi yeNkosi, lokho kuKhanya, Kufika ngqo phambi kwabantu abangamakhulu amathathu, Kwazinyakazisa ngqo kwaya ngale odongeni, futhi kwadweba ngalokho kuKhanya okuyindilinga, ngendlela nje engadweba ngayo amabandla, futhi kwabonisa ncamashi ukujula okufanayo nakho konke, lapho kudlula, ngenkathi abantu abangamakhulu amathathu bedazuluka, futhi bekhala, futhi beKubuka ohlangothini lodonga. Ngani, Kwama qekelele lapha, futhi kwaZibonakalisa odongeni futhi kwenza leyonto efanayo.

12 Futhi sebekudwebile manje, ezithombeni, futhi kumi etabernakele. UMnu. Arganbright, umfowethu oyigugu othandekayo, usanda kushiya phezulu lapho, futhi wenyuka wayokubheka, lapho kwakukhona odongeni.

13 Siphila esikhathini esimangalisayo kakhulu nje. Kodwa ngesaba ukuthi asikwenzi . . . kumele sizincinze kancanyana futhi sinyakaze kancane ukuthola ukuthi sikuphi nje.

14 Bengihlale ngisho kaningi, futhi ngenza lokhu kuphawula: Ngithola izigaba ezimbili zabantu njengoba ngihamba emhlabeni. Lowo yiPentecostal okoyedwa, noqavile okomunye.

15 Manje, abantu abaqavile ngokwendawo bayazazi ukuthi bayini kuKristu ngesithembiso seBhayibheli, kodwa abakawemukeli uMoya oNgcwele ukwazi ukuthi bangobani, noma, babe nokukholwa. Manje, abantu bePentecostal bemukele uMoya oNgcwele, kodwa abazi ukuthi bangobani. Niyabo? Ngakho kufana nje nomuntu onemali ebhange, futhi akakwazi ukubhala isheke; omunye angabhala isheke, futhi akanamali ebhange.

16 Manje, uma ubungathola labo ababili ndawonye! Ukuba abantu bePentecostal bebengazizinzisa bona uqobo! Njengoba ngishilo izolo ebusuku (ngikukholwa ngempela lokhu ngayo yonke inhliziyo yami.), ibandla lePentecostal belisesimweni esingcono . . . Nga—ngangingeyena umfundisi ngalezozinsuku, futhi angicabangi ukuthi nganginguye, mhlasimbe ngangingekho emhlabeni ngalezozinsuku. Kodwa imihlangano emidala yaku-Azusa Street enikhuluma kakhulu ngayo, futhi ngifunde izincwadi zayo, ibandla lePentecostal lasekuqaleni, eminyakeni engamashumi amathathu noma amane emuva, lalisesimweni esingcono sokufika kweNkosi kunalokho abayikho khona manje. Impela babengamaKristu azithobe kakhulu ngempela, futhi babekuphila. Bakukholwa.

17 Manje, *sizihlukanisele ngokwamazinga* thina uqobo, futhi sinezinhlangano zethu namahlelo ame ezingeni. Futhi sinabazukulu abathathwe ngokutholwa nokunye nokunye. Asinawo umugqa omdala wamaPentecostal owawuvamise ukufa futhi weza wadabula ngempela noNkulunkulu, lokho kukholwa koqobo kwangempela. Bavele bacela kuNkulunkulu, futhi babagcoba ngamafutha, futhi baqhubeka baphulukiswa.

Namuhla uNkulunkulu angehla futhi aZibonakalise ngokuyisimangaliso, khona kanye phakathi kwabantu nakho konke, futhi, vele uthi, "Awu, ngicabanga ukuthi bekukuhle ngempela lokho."

18 Nibe nokufundisa okuningi kakhulu, nifuna ukukhanya okusha. Yilokho u-Eva ayekufuna lapho ekhipha amehlo akhe. Niyabo, vele ubuyele eBhayibhelini futhi uhlale ngqo nenkambiso endala. Ungashiyi leyondlela yezinyawo endala yothando lokuqala, nento yokuqala eza kuwe. Phila noMoya oNgcwele. Ungachezukeli kwenye intukuthelo. Hlala noNkulunkulu ngqo, eZwini laKhe ngqo. Futhi uMoya oNgcwele awusoze wakwenza ukuba wenze noma yini ephambene naleliZwi. Uyohlala ngqo eZwini, ngoba i—iZwi linguNkulunkulu.

19 Izolo ebusuku bengikhuluma ngendaba ethi *Ukulindela*, futhi kulobubusuku, bengizokhulekela abagulayo. Manje,

engxenyeni ezayo, elandelayo, kusasa ebusuku kuqala, sifuna ukuqala ohlotsheni lokuvangela loMlayezo, mhlawumbe *UkuFika kweNkosi*, *UPhawu LweSilo*, *UPhawu lukaNkulunkulu, Izinkulungwane Eziyikhulu Namashumi Amane Nane*, *Abagibeli Bamahhashi Abane BeSambulo*. Ngani, ngikholwa ukuthi leyomiyalezo iyona efanele siyifinyelelise kubantu, ukubavusa, sibanyakazise, ukubakhombisa ukuthi thina. . . Ngiyibonile imiphumela emikhulu ku-*IMiNyaka yeBandla EyisiKhombisa*. Ngiyophinda ngidlule kulokho, uma ngicabange ukuthi kuyosiza lapha. Kanjani ukuthi i. . . UNkulunkulu wakubusisa.

20 Manje, ake ngixwayise abantu, ngiphinda phinde: Ungalindeli ukuzamazamisa kokugcina kukaNkulunkulu eBandleni kube yinto yomhlaba wonke. Ngeke kube njalo. KungokweBandla. Yizinto ezinkulu ezizokwenzeka kubantu abayidlanzana elincane. Lelo yiqembu elincane uNkulunkulu alinyakazisayo ukuba lizilungiselele, lihambe. Bahambile empeleni. Niyabo? Manje, lokho kungokomBhalo neBhayibheli.

21 Esikhathini esingeside esedlule umelusi wedolobha elithize elikhulu weza kimi, futhi wathi, "Awu, sengiyaguga." Wathi, "Ngibe lapha iminyaka engamashumi amabili nokuthile, futhi sibe nomunye wemihlangano enamandla kakhulu." YiChicago, nguMattsson-Boze.

22 Wathi, "Bengilangazelela, Mfowethu Branham, futhi ngize lapha futhi ngaba nesiprofetho esivela eNkosini uma ngingeza lapha, bengiyobona isandla sikaNkulunkulu esinamandla sinyakazisa lendawo ngaphambi kwesikhathi sokuhamba."

23 Ngithe, "UMfowethu Joseph, ngokweqiniso," Ngithe, "uyisazi sezenkolo esikhulu, futhi ungumuntu omkhulu we. . . uDokotela wezobuNkulunkulu. Akukho kungabaza ngalokho. Angikwazanga ukuyithinta." Kodwa ngathi, "Kodwa mfowethu othandekayo, unokuthile okumpofu kokubona okufihlakele kokomoya."

24 Kulapho ibandla elikugeja khona namhlanje, yilokho kubona okufihlakeleyo kokomoya ukubona ukuthi uNkulunkulu wenzani. Futhi babheka le esiqongweni sento ethize lapha eqhubekayo khona lapha, futhi izokudlula ngaphambi kokuba ukwazi.

Akashongo yini uJesu ngoJohane. . .? Abafundi bathi, "Kungani ababhali bethi u-Eliya umelwe ukufika kuqala?"

25 Wathi, "Usevele ufikile futhi abamazi." Yilokho kuphela. Abazange bazi ukuthi u-Eliya wayengumprofethi, ngempela, kodwa nje iBandla. Bebengeke bamphathe, bebengeke bambize "onempandla," futhi baqhubeka kanjalo. Babengakwazi.

26 Babengazi ukuthi uJohane ngokweqiniso ngempela wayengumprofethi kaNkulunkulu. Babecabanga ukuthi wayeyindoda ethize ehlanyayo phandle lapho ehlane,

izama ukuminzisa abantu emanzini. Kodwa akazange aye emizini nezinto. Wahlala phandle ehlane, eyinqaba, eyingongajwayelekile. Futhi babecabanga ukuthi wayewuhlanya, indlela ayegqoka ngayo. Kodwa iBandla, iBandla elibiziweyo, elabizelwa ukubona lokho, babona masinyane impela ukuthi wayengumprofethi.

27 Babengazi ukuthi uJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu Waze wafa, futhi wembelwa, futhi wavuka futhi. Abaningi babo abakakwazi namanje. Iqiniso. Abakaze bazi, bona . . .

28 Ibandla eliKatolika alizange limemukele uPatrick oNgcwele. Izikole zakhe zonke zaziseNyakatho Ireland. Wabhikishela ababhishobhi beKatolika, futhi manje bamenza ongcwele. Ngani, ibandla eliKatolika lashisa uJoan wase Arc, ekhala esigxotsheni, ngoba bathi wayengumthakathi. Intombazane yabona imibono. Wayeyinceku kaNkulunkulu. Cishe eminyakeni eyikhulu kamuva bakuqonda, emva kokuba esefile futhi wambelwa. Ngakho baphenduka, bemba lezozidumbu zabapristi abambulala, babaphonsa emfuleni.

29 Abakwazi kwaze kwaze kwadlula, noMoya oNgcwele unikeza iBandla ubizo lwawo lokugcina manje, futhi kwenza khona kanye lokho iBhayibheli elathi kuyokwenza, nabantu bePentecostal bayaphuthaza phezu kwakho, bebheke okuthize. O, he. Ungakwenzi lokho, ngiyacela.

30 Lalela. Uma silindele ukuthi uKristu afike . . . Uyakukholwa lokho na? Awu, uma sikwenza, masenze njengakho. Singalindela kanjani ukuthi uKristu afike, futhi sifake izigidi eziyisithupha zamadola esakhiweni na? Uzithola kanjani lezi zinto ezinkulukazi, ukhuluma ngokuza kukaKristu na? Ngani, mfowethu, besifanele, silungiselela, silungiselela uHlwitho, hhayi eminye iminyaka engamakhulu amahlanu yokuhlala lapha emhlabeni. Niyabo?

31 Kukhona okungalungile. Akuhambelani nje ngandlela thize. Aku—akuwenzi umqondo kimi. Ngezithelo zabo . . . Ungahle ukusho ngezindebe zakho, kodwa ngenhliziyo yakho. Niyabo?

Wena Uthi, "O, ya, ngikholwa ukuthi uKristu uyeza." Kodwa isenzo sakho sifakazela okwehlukile.

32 Kuthiwani uma indoda itshele umkayo ukuthi iyamthanda bese ibaleka nomunye owesifazane. Niyabo? Izenzo zikhuluma kakhulu kunamazwi. Kunjalo. Kungakhathaleki ukuthi sithini ngezindebe zethu, izenzo zethu zifakazisa lokho okusezinhliziyweni zethu ngempela. Yilokho uJesu akusho: "Bazenzisi, ningazisho kanjani izinto ezinhle na? ngokuba umlomo ukhuluma ngokuchichima kwenhliziyo," Niyabo? Futhi uma kungenjalo, khona-ke kuwukuzenzisa. Ngakho niyabona ukuthi uNkulunkulu ubengasibeka ngokwesigaba kuphi na? KulowoNyaka weBandla laseLawodikeya nje,

elisivivi, elikhuluma ngezindebe zalo, kodwa inhliziyo yalo ikude kakhulu.

33 O Nkulunkulu, asijikise leyonto ibuyele emuva. Masehlele kuNkulunkulu. Asehlele emBhalweni futhi sehlele lapho size sithole ngempela iPhentekoste libuyele enhliziyweni yomuntu, lingaphindeli enhlanganweni, kodwa libuyele enhliziyweni yabantu ezinhlanganweni. Niyabo? Yilokho esifanele sikwenze. Ngakho uNkulunkulu asisize kuleli viki ukuba sikwenze.

Ngiyakhuleka, ngiyazila, ngilindele uNkulunkulu. Ngifuna ukwenza ingxenye yami ngenkathi ngiselapha eCalifornia. Yenza ingxenye yakho. Phuma ungenise abantu.

34 UNkulunkulu wenza izinto ezinkulu ngokwedlulele namuhla kunanini ngaphambili ezake zaziwa kusukela uJesu Kristu esemhlabeni. Kunjalo. Futhi kweqa ngqo ngaphezu kwekhanda labantu, futhi bayageja ukukubona. Leyo yingxenye embi.

35 Ukuba nje babekwazi kuphela, njengoba uJesu asho—asho mayelana ne—ne . . . wathi, "Ukuba nje kuphela benilwazi usuku lwenu, ukube kuphela benilwazi! Jerusalema, Jerusalema, kukangaki Ngithanda ukukufukamela njengesikhukhukazi sifukamela amazinyane aso, kodwa kawuvumanga. Ukube benulwazi nje usuku lwenu, ukuvakashelwa kwenu!"

36 Kunjalo namuhla. Bekuhlale kunjalo; yilokho okuyikho manje. Ukube besilwazi usuku lokuvakashelwa. Kodwa ukuvakashelwa kudlula ngqo, futhi abantu babheke le *ngapha* ukuthola *enye into*. Futhi into yokuqala niyazi, ukuvakashelwa sekuphelile, futhi nakho la kukhona.

37 Kodwa njengoba Wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Amen. O, yilokho okusakhayo . . .

38 Manje, sithanda ukukhuluma nabantu lapho esingabenza bazizwe bejabule ngempela. Kodwa into engcono kakhulu ongayenza, uma kukhona—kukhona okungalungile, asikususe lokho endleleni kuqala. Ake sifinyelelise into phansi esisekelweni. Niyabo?

39 Umfo othile wathi kimi esikhathini esingeside esidlule, umfundisi owaziwayo kakhulu, omunye wababedla bonke emhlabeni, wathi, "Mfowethu Branham, wenza iphutha elikhulu kakhulu."

Ngathi, "Uxolo, mfowethu, ngitshele ukuthi kukuphi."

40 Wathi, "Usika abantu kanzima kakhulu," wathi, "wena u, isibonelo, u—uhlale uthethisa a—abesifazane ngendlela abagqoka ngayo, futhi uhlale usakaza *lokhu* na*lokho*." Wathi, "Kungcono ukuyeke lokho. Uzokona inkonzo yakho."

41 Ngathi, "Noma yisiphi isikhathi lapho iZwi likaNkulunkulu lona inkonzo yami, uNkulunkulu, uyona masinya impela, ngoba

ngi—ngiyifuna yonakale." Lokho—lokho kulungile. Ngifuna ukunikeza okuthile okulungile. IZwi likaNkulunkulu lifundisa lokho.

42 Futhi ngithi, "UNkulunkulu asiphe isibindi, namadoda azomela iqiniso, kungakhathaleki ukuthi kuzani noma kuhambani." Yilokho esikudingayo. IVangeli akuyona into ethile eyosasitabane; iVangeli ngelamadoda, amadoda abizwe nguNkulunkulu.

43 Awulokothi wahlulele indoda ngokuthi zinkulu kangakanani izandla zayo, nokuthi amahlombe ayo abanzi kangakanani. Ngibezwa bethi, "O, akayona indoda yini." Ngibone amadoda ayenesisindo esingamaphawundi angamakhulu amabili, engenalo ngisho nelilodwa i-awunsi lendoda kuyo. Kunjalo. Awuyilinganisi indoda ngobungako bayo. Lokho kuwubulwane. Uyilinganisa ngesimilo sayo. Akuzange kube khona iNdoda enesimilo esikhulu kakhulu kunoJesu Kristu.

44 Umzimba omkhulu, onamandla njengomnyuzi kunanoma yiyiphi indoda, ukuthi ubungekwazi, noma indlovu, ngakho, wena . . . lokho bekungaba ubulwane. Kodwa indoda akukhona ukuthi inemisipha kakhulu kangakanani. Angimlinganisi ngalokho, kodwa ukuthi izikhwama zikanjani emadolweni ebhulukwe lakhe, lapho kade ekhuleka. Yileyondoda okufanele ilinganiswe: isimilo.

45 UJesu wayeyiNdoda encane, uMfo omncane, mhlawumbe onamahlombe aqhothile. Eseneminyaka engamashumi amathathu ubudala, Wayebukeka enamashumi amahlanu, iBhayibheli lasho. Kodwa akukaze kube khona indoda emhlabeni enjengaYe, futhi ayisoze yaba khona. Yena—Yena . . . iBhayibheli lathi, "Kwakungekho buhle kuYe ukuba—ukuba siMfise. Lapho siMbona sacasha, njengoba kwakunjalo, ubuso bethu kuYe," futhi konke kanjalo.

46 Kodwa nokho, kwamjabulisa uNkulunkulu uku—ukuMshaya. Futhi Washaywa, washaywa, futhi wahlushwa. Wathwala iziphambeko zethu, wachotshozwa ngobubi bethu, nangemivimbo yaKhe siphilisiwe thina. O, kufanele kukhange kubantu. Kufanele ngempela. Kufanele kushukumise inhliziyo.

47 Kodwa niyazi ukuthi yini indaba na? Sithathe umhlangano womkhuleko wangoLwesithathu ebusuku, futhi sawufaka ohlelweni lwethelevishini olugcina bonke abantu bebungazekile. "Futhi lapho inhliziyo ikhona, ingcebo ikhona, nenhliziyo ilapho futhi." Futhi yini eyenza abantu bafune ukuya ezintweni zezwe? Awu, ngi . . . Niyazi, isizathu sokuthi wenze lokho na? Kungukuthi . . . Isizathu sokuthi abantu benze lokho na? Yini eyenza indoda ifune ukudakwa na? Yini eyenza abantu bafune ukwenza ngendlela abenza ngayo na? Umhlaba. Umuntu angahlalelani ekhaya ngoLwesithathu ebusuku emhlanganweni

womkhuleko, ukubuka uhlelo oluthile lwethelevishini, bebezokwenzani lokho na?

48 Yingoba kukhona okuthize kuzo okufisa ukwaneliswa. Bafuna. . .Kukhona indawo encane enhliziyweni yowesilisa noma enhliziyweni yowesifazane, futhi uNkulunkulu Wazenzela leyondawo. Ungalokotha kanjani uzame ukuthatha izinto zezwe futhi uzifake lapho lapho uNkulunkulu aZenzele khona ukuba ahlale lapho.

49 UNkulunkulu ngukutholoza kwethu. UNkulunkulu uyinjabulo yethu. UNkulunkulu ungukwaneliseka kwethu. Yilapho kungokwakhona, phakathi *lapha*; vumela uNkulunkulu angene, bese kuthi-ke ezinye izinto sezifile kakhulu, awusenandaba nalutho ngazo ngisho nhlobo.

50 O, abantu bangabakholwa kakhulu, bebehlala benjalo. Njengoba ngishumayele ngobunye ubusuku ngaleya, imvuselelo njalo iveza amawele, njengo-Esawu noJakobe: umuntu wezwe, nomuntu ofisa ubuzibulo. Niyabo? Kuhlala njalo, kukhona yonke imvuselelo ekhiqiza lokho.

51 Lemvuselelo yezinsuku zakamuva, yenze into efanayo. Iqiniso. Ngakho ake singene ohlangothini lukaJakobe, lowo ozodla ifa, lowo ozoya ezweni lesethembiso. Futhi ngeke saneliseka ngokuya esontweni nje nokubhala amagama ethu encwadini. Uma sikwenza, kukhona okungalungile. Masiqhubeke sikhuphuka sikhuphuka, size sifinyelele kulelozwe lesethembiso.

52 Ngishumayela ngolunye usuku engqungqutheleni yeChristian Business Men ePhoenix, e-Arizona, lapho phakathi e—endlini yokudansela, Ngathi, "U-Israyeli wayengake acabange kancane kanjani, ngenkathi babememeza futhi besina eMoyeni, noMiriyamu naleyothamborini lapho sebewele uLwandle oluFile, futhi bababona abacindezeli babo befile emva kwabo, babengazicabangi ukuthi babekude ngeminyaka engamashumi amane ezweni lesethembiso." Babengakukholwa lokho. Babeqhele cishe ngezinsuku ezine kuphela.

53 Kodwa babefanele babe, niyazi, babefanele benyukele ku-Eksodusi 19 futhi benze iphutha labo elikhulu kunawo wonke abake balenza: kwadingeka bakhuphuke futhi bathole umthetho, ukuze bakwazi ukuqophisana futhi bahlele, futhi bazihlanganise ndawonye.

54 Umusa wawubahlinzeke ngomprofethi. Umusa wawubahlinzeke ngewundlu. Umusa wawubahlinzeke ngezimangaliso. Umusa wawubanike imvuselelo enkulu kunazo zonke abake baba nayo. Umusa wawuhlinzeke ngazo zonke lezi zinto, futhi nokho babefisa umthetho.

55 Yilapho impela obaba bethu abama khona ePentecost cishe eminyakeni engamashumi amane edlule. Umusa wawuhlinzekile. Bonke babesekuvumelaneni kunye. Njalo. . .

IPentecost kwakuyiPhentekoste. Kodwa abakwazanga ukwaneliswa, lokho. Kwadingeka bazihlelele izinga elibizwa nge-Assemblies of God. Qhabo, babefanele babatholele elinye: iChurch of God, iFoursquare, i-Oneness, iTwoness, iThreeness, iFourness. Futhi ubuhlezi khona lapho iminyaka engamashumi amane. UNkulunkulu makabe nomusa. Sidinga i . . .

56 Awu, bahlala lapho baze bafa bonke labobantu abanalolohlobo lomqondo. Kwase kuthi ngolunye usuku, uJoshuwa wasukuma, wabagaxa bonke, futhi uNkulunkulu wathi, "Senibe kulentaba isikhathi eside ngokwanele. Manje, asiye enyakatho, sizowela, sithathe isithembiso."

57 UNkulunkulu angathatha iBaptisti, noma iMethodisti, kumbe noma yini Afuna ukuyithatha. Kodwa umuntu mumbe uya ngale. Kunjalo. Futhi inqobo nje uma sisathola imibono yethu yakudala futhi sihlale sizungeze lokho esiyikho . . . O, uzohlala khona lapho. Kunjalo impela.

58 O, asivuke. Asiphume kukho. He, zinyakaziseni futhi niqonde ukuthi uNkulunkulu usenguNkulunkulu, Unguye, ufanele ahlale enjalo, uma Wake waba nguNkulunkulu, UsenguNkulunkulu. Akaguquki ezindleleni zethu. Sinakho, siguqule izindlela zethu zaba yizindlela zaKhe. O, bengingafuni ngisho nokusho lokho. Mina nje . . .

Ngi—ngizofunda omunye umBhalo manje. Kulungile. UJohane oNgcwele 12:20. Ngizovele ngifunde ivesi lapha.

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwabenyukela khona . . . umkhosi . . . ukukhonza:*
>
> *Bona-ke beza kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, . . .* bemfisa, *bethi,* Banumzane, *sithanda ukubona uJesu.*

Manje, phenyani amaHeberu 13:8.

> *UJesu Kristu nguyena izolo, . . . namuhla, naphakade.*

Bangaki okukholwayo lokho ngesizotha ngenhliziyo yakho yonke na?

Manje, kusasa ebusuku siqhubekela ezinkonzweni zokuvangela. Namuhla ebusuku sizoya e . . . sikunikeza ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu.

59 Manje, kunento eyodwa yokukhuluma nganoma yini, bese-ke kuba nenye into yokwenza lokhu esikhulume ngakho kube yiqiniso. Futhi konke kuyiZwi likaNkulunkulu, futhi into kuphela eyidingayo ukukholwa ukwenza noma yisiphi isithembiso sikaNkulunkulu sisebenze. Kunjalo. Uma uNkulunkulu enza isithembiso, khona-ke uNkulunkulu ubophezelekile esithembisweni saKhe.

60 Manje, ngifuna ninginike isikhathi senu esingahlukanisiwe imizuzu embalwa. Uma nizonginika cishe imizuzu engamashumi

amathathu, bese-ke sizobiza umugqa womkhuleko, nemizuzu embalwa, singaya ekhaya.

61 Manje, into yokuqala yile: Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade na? Uyakukholwa lokho, ngesizotha na? Ingabe Usenguye ngokwesimiso na? okufanayo emandleni na? a—amandla afanayo Ake waba nawo na? uzwelo olufanayo na? Ukuba Uyelapha, Okungukuthi Ukhona namuhla, Ubezoziphatha ncamashi njengoba Enza ngenkathi Elapha ngaphambili na?

62 Noma, ucabanga ukuthi emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili Usehlakaniphe ngokwedlulele kancane, Wahlakanipha ngokwedlulele kancane, uyazi ukuthi lenziwa kanjani ibandla lehluke na? Futhi Ungathi ubezofanele axolise ngalokho Akwenza e—ebandleni lePentecostal kuqala, ngakho UMenza nje ibandla lePentecostal elehlukile lonyaka wokugcina na? Ngabe lowo bekungaba umqondo waKhe na?

63 Hhayi uma Esenguye. Ubezoba nemibono efanayo. Futhi WayenguNkulunkulu, ngakho Angeke aguquke. "UNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo." Ngakho Ubeyoba nemibono efanayo, nezimiso ezifanayo, amandla afanayo, neBandla elifanayo. Unguye izolo, namuhla, naphakade.

64 Manje, ngolunye usuku kwakukhona abanye abantu ababengakaze baMbone, badiyazela bangena emhlanganweni, noma, phezulu ukuyokhonza ngePentekoste. Babezwile ngaYe. Ngakho bafika kwenye yezinceku zaKhe base bethi, "Mnumzane, sithanda ukubona uJesu." Futhi ngokucela le nceku, le nceku yabavezela uJesu.

65 Manje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi uphakamise izandla zakho ukuthi ungathanda ukuMbona, pho kungani singakwazi ukuMbona na? Lowo ngumbuzo. Singekwazi ukuMbona na? Uma Esenguye, pho kungani singenakuMbona na?

66 Uphakamise isandla sakho njengalawo maGreki. Ungathanda ukuMbona. Ngiphakamisa isandla sami. Ngiyathanda ukuMbona. Futhi Wethembisa ukuthi Uyoba nathi futhi akasoze asishiya. "Nginani njalo, kuze kube sekugcineni kokubhujiswa." Uhlala elapha, onguye izolo, namuhla, naphakade. Khona-ke yini indaba na? Kungani singeMbone na?

67 Manje, uma Ezongena phakathi kwethu kulobubusuku. . . Manje, uma uyisihambi ungase ungakuqondi lokhu, kodwa ngifuna wena ukuthi udonsele phansi amabhodi aseceleni, futhi uhlale uthule u—umhlangano wonke, futhi ulalelisise lawa maZwi, izithembiso engizonifundela zona, ezibhalwe lapha encwadini. . . kuleliphepha, ezivela eBhayibhelini. Futhi ngi—ngifuna ukunifundela ezinye izithembiso futhi ngithole ukuthi Usaphila noma qha, ukubona ukuthi inkolo yethu

yobuKristu iyinkolo yeqiniso yini, futhi uma ukucabanga kwethu kwePentecostal ngakho kuyiqiniso, noma ngabe kuyiphutha.

68 Ngisho, ngiyakholelwa, manje, ngisho nakuwo wonke amaphutha alo, ngisakhetha ukuthi libe yibandla, manje, hhayi ngoba bengamaPentecostal. IPhentekoste aliyona inhlangano. Manje, nina maBaptisti namaMethodisti kukhumbuleni lokho, maKatolika namaPresbyterian, ungeke wahlela uNkulunkulu. Awumhleli uNkulunkulu. IPhentekoste yisehlakalo amaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, amaKatolika, nabo *bonke* abasemukelayo.

69 Manje, bengihlala ngithi, "Uma umuntu eyiKatolika, futhi uthembele ebandleni eliKatolika ukuthola insindiso, ulahlekile. Futhi uma eyiBaptisti futhi ethembele ebandleni leBaptisti ukuthola insindiso, ulahlekile. Uma eyiPentecostal futhi ethembele ebandleni lePentecostal ukuthola insindiso, ulahlekile.

70 Kodwa uma eyiKatolika futhi ethembele kuJesu Kristu, usindisiwe ngokukholwa, ukukholwa kwakhe uqobo. Uma eyiBaptisti, noma iPentecostal, futhi ebheke kuJesu Kristu ukuze athole insindiso, ngokuba nisindisiwe ngokukholwa, nalokho ngomusa kaNkulunkulu, kunjalo, ukukholwa okungokwakho kuJesu Kristu yikho okukusindisayo.

71 Manje, uma lena kuyiNcwadi yaKhe . . . Ngibe nengxoxiswano esikhathini esingeside esidlule nomfundisi weKatolika. Weza endlini yami ezobuza ukuthi ngayibhaphathiza yini intombazane ethile . . . lapho iseyingane, noma, intombazanyana cishe eneminyaka eyishumi nanhlanu ubudala, yayizophinde ishade, futhi iphinde ishade iKatolika. Futhi yona . . . kwadingeka aphinde ayibhaphathize. Umbhishobhi wangibuza imibuzo ethile. Futhi wangibuza ukuthi ngiyibhaphathizile yini, futhi ngayitshela, "Umbhaphathizo wamaKristu ngokucwiliswa."

Futhi wathi, "Ibandla eliKatolika lalivame ukwenza lokho."

Ngathi, "Nini na?"

Ngakho wabuyela emuva wayesethi, "Ngezinsuku zeBhayibheli."

Ngathi, "Khona-ke uyasho ukuthi i—iBhayibheli linjalo . . . Ibandla eliKatolika laloba iBhayibheli na?"

72 Wathi, "UJesu Kristu wahlela ibandla eliKatolika wase ebeka uPetru inhloko yalo nabaphostoli abayishumi nambili; futhi lelo kwakuyibandla lokuqala eliKatolika."

73 Ngathi, "Khona-ke uma lingenaphutha, futhi lingaguquki, kungani kube khona izinguquko eziningi kangaka ezenziwe na? Ngani, unabesifazane abayizinkulungwane eziyishumi phandle lapha okhuleka kubo, abantu abafile. Futhi munye kuphela

uMlamuleli, kwasho iBhayibheli, phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, futhi lowo yiMuntu, uKristu Jesu, akukho oMariya, noma lutho olunye. Niyabo?" Ngathi, "Kungani?"

Wathi, "Awu, uyabo, Mnu. Branham, asifanele ukuphikisana ngeZwi."

74 Ngathi, "Angiphikisani ngeZwi. Ngiyakubuza nje." Ngathi, "Ngine-*Two Babylons* ka-Hislop. Nginemilando yakudala kakhulu engingayithola. Nansi i*Nicene Fathers*, uMkhandlu waseNayisiya, uMkhandlu wangaphambi kweNayisiya, nakho konke, khona lapha ekutadisheni kwami. Ngikhombise noma yikuphi lapho okwakukhona ibandla eliKatolika kwaze kwaba ngu 305. Ngikhombise lapho lalikhona."

Wa—wathi, "Ucaphuna umlando."

75 Ngathi, "Ngazi kanjani ukuthi kwakukhona uGeorge Washington lapha, kuphela ngokomlando na? Ngibonise okuthile okuhlukile." Niyabo? Futhi ngathi. Kunjalo impela. UNkulunkulu akazange alihlele ibandla, futhi akuzange kube yicebo likaNkulunkulu ukulenza. Isonto elingumama wezinhlangano yiKatolika, futhi bonke abanye baphuma kulezo zinhlangano ngokweSambulo 17. Kunjalo impela. Ukubhidliza ubudlelwano . . .

76 Sonke simunye. IPhentekoste ngeyeMethodisti, iBaptisti, iKatolika, iPresbyterian, "Noma ubani othandayo, makeze, aphuze emithonjeni yamanzi okuPhila ngesihle." Kulungile. Manje, uma uJesu eyi . . .

77 Manje, angikhulumi ngokumelene nalezi zinhlangano, kodwa lapho udweba uthango oluncane nxazonke . . . Njengento encane engake ngayibona ngesinye isikhathi, inkawu encane ihlezi phezulu esihlahleni. Futhi yathi, yabuka ngale kwezinye izinkawu ezincane, yathi, "Uyazi basitshela ukuthi . . . besitshela, noma, bakusho ezansi lapho ukuthi—ukuthi bavela kithi." Wathi akakukholwanga lokho.

78 Wathi, "Bengingabiyela isihlahla sami ngothango lapha ukuze inkawu engikanye nayo ingakwazi ukuza ngapha izolanda ukhukhunathi lapho ibiwufuna na? Bengingasho yini ukuthi yimi ngedwa inkawu ekhona e—ezihlahleni na?" Awu, wathi, "Uma kunjalo, khona-ke uhlanga lwezinkawu luwile." Lokho ngukuthi, awu, lokho kuthi akube yikho nakho. Ya.

79 Lapho sizama ukubiyela okuthile . . . UNkulunkulu akakubiyeli. Ubhidliza uthango, wadiliza udonga oluphakathi oluhlukanisayo futhi, konke kuKristu Jesu. UMoya oNgcwele ngowethu sonke, ukuze sonke sibone inkazimulo kaNkulunkulu.

80 Kuyo yonke imihlangano yami angikaze ngiMbone ethi, "Awu, lomfo uyiPresbyterian, ngakho angeke akuthole ukuphulukiswa. Futhi lona uyiBaptisti, ngakho akakwazi ukuphulukiswa." Akaphulukisi abantu ngaleyo ndlela.

Kusesisekelweni sokukholwa kwabo hhayi ihlelo labo. Kulungile.

Manje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade... Ibandla eliKatolika belingathi, "Impela, siyakukholwa lokho. Siyakukholwa lokho ebandleni lethu."

IBaptisti ibiyothi, "Siyakukholwa lokho ebandleni lethu."

AmaKatholika athi, "Siyakukholwa" kulelo bandla.

81 Manje, uma bengizokwesekela lenkulumo phezu kweBaptisti, ibandla engiphuma kulo . . . Uma bengizokwesekela phezu kwePentecost, noma uma bengizokwesekela phezu kwanoma iyiphi yezinhlangano zePentecost, sengingahle ngivele ngiyeke. Yilokho kuphela.

82 Kodwa kunento eyodwa kuphela ongayenza. Kufanele kube khona okulungile nokungalungile. Kuyiqiniso impela. Awukwazi ukuthola okungalungile nokulungile ngesikhathi esifanayo. Sinedola mbumbulu ngoba lenziwa ngedola langempela.

Manje, uyini—yini umehluko na? Sasizokwazi kanjani-ke na? Ibandla eliKatolika lithi, "Siyinhlangano endala kunazo zonke."

IPhentekoste lathi, "Ngani, siqala emuva lapho phambi kwenhlangano."

Kulungile, sizokwenza konke *lokhu*.

IBaptisti yathi, "Saqala kuJohane. WayeyiBaptisti lokuqala, ngisho nangaphambi kokuba uJesu afike enkundleni."

Awu, ubungaba nazo zonke izinhlobo zokuphikisana. Kodwa ake sikwehlise futhi sithole.

83 Manje, kuthiwani uma sehlela edolobheni ukuyobheka uJesu, ukuthi Usenguye na? Besiyobona indoda iza imbethe ingubo ende njengoba Wayeyigqoka, na—nalomcabango wesayense ephathelene nengqondo wakho ukuthi Wayenezinwele ezinde. Asinakho okuqoshiwe kwalokho, ukuthi Wake waba nezinwele ezinde. Asazi.

84 Kodwa ake sithi siyi—siyibonile indoda eyayifana nesithombe somdwebi asidweba ngoJesu, futhi wayenezibazi ezandleni zakhe, izibazi ezinyaweni zakhe, ne—nezibazi zameva, kanjalo kanjalo, futhi kubukeka sengathi, mhlawumbe, isithombe sikaHofmann saKhe, sasiyi*Khanda enamaShumi amathathu nantathu,* noma mhlawumbe okunye kokunye, njengokugqugquzelayo, noma—noma isithombe esithile, esingeke sibe nguJesu, ngoba ngizokutshela ukuthi kungani: Ngoba akekho umuntu oyobona uJesu emhlabeni esemzimbeni wenyama aze aqale Aye enkazimulweni; ngoba siyakuhlwithwa ukuMhlangabeza emoyeni. Kunjalo.

O, Wathi ngezinsuku zokugcina, kuyobakhona oKristu bamanga, nayo yonke into ithi, "Bheka, Usehlane; ekamelweni eliyimfihlo; ningakukholwa."

85 Kodwa Ulapha ngesimo sikaMoya oNgcwele, noMoya wawukuKristu uzokwenza izinto ezifanayo Azenza, ngoba kungukuPhila okufanayo. Uma ufaka ukuphila ko—komvini wamagilebhisi emvinini wokhukhamba, ubuyothela izithelo zamagilebhisi. Uma ufaka ukuphila kwesihlahla samapentshisi e—emthombeni, ubuyothela amapentshisi. Niyabo? Impela. Ngoba ukuphila okukuso, kuyakhiqiza.

Futhi ukuPhila okuseBandleni likaJesu Kristu kuzothela imisebenzi nezimpawu zikaJesu Kristu.

NeBandla lingumuntu ngamunye. UNkulunkulu usebenzelana no-Israyeli njengesizwe, kodwa abeZizwe njengabantu ngabanye. Manje, niyakuthola, niyakuthola na? Niyabo? Umuntu ngamunye . . .

Isizwe—isizwe siyakusindiswa lapho u-Israyeli efika. Sizozalwa ngobusuku obubodwa lapho u-Israyeli ezoza kuNkulunkulu ngesikhathi esisodwa.

Kodwa manje-ke, lapho abeZizwe, kungumuntu ngamunye. Abantu Ubakhiphile kwabeZizwe ngenxa yeGama laKhe, akha uMlobokazi waKhe.

86 Manje, besingenzenjani-ke kulobubusuku uma besifuna ukuthola ukuthi Ukuliphi ibandla na? Uma bengifuna ukubona ukuthi Usebandleni lePentecostal, uma bengifuna ukubona Usebandleni leBaptisti, noma ibandla eliKatolika (inhlangano endala kunazo zonke), noma iyiphi enginga . . . ? ILuthela, lokho kuseduze kweKatolika, noWesley uyeza ngokulandelayo, futhi kwehle kanjalo. Uma bengingaya ngale, ngibheke lawomabandla, bengizobhekani na? Umuntu obengabukeka njengaYe na? Qhabo. Angahle abe maningi amadoda abukeka njengaYe, impela nje. Bengizobhekani na?

87 Khona-ke bengiyobheka indoda eyayinokuPhila kuyo. Bengizobheka iBandla ebelinoMoya phakathi kwabo njengoMoya waKhe. Niyabo? Bengiyobheka ukubona imisebenzi yaKhe. Wathi, "Okholwa yiMi (Johane oNgcwele 14:12), Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Ngabe kunjalo na? Khona-ke thina . . . Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza."

88 Manje, niyathola ekuhumusheni lapho, kwathi, "Emikhulu kunale uyakuyenza, uyaku . . . " kodwa i, empeleni, ukuhumusha okuyikho okuvela kukho kungukuthi . . . Ngine-*Emphatic Diaglott*, futhi ithi, "Okholwa Kimi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza, futhi *eminingi* kunale uyakuyenza," hhayi emikhulu, ngoba akukho okukhulu abebengakwenza. Wavusa abafileyo, waphulukisa abagulayo, wamisa imvelo.

Akukho okungaba kukhulu. Kodwa ku—hhayi ngekhwalithi, kodwa ngo*buningi* Angaba mkhulu.

89 Ngoba khona-ke Yena . . . UNkulunkulu wayekuMuntu oyedwa, uKristu Jesu; kuYe kwahlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. Manje, ngenkathi leyoNsika yoMlilo yehla ngePhentekoste, niyaqaphela, iziNkotha zoMlilo zahlala phezu kwalowo nalowo wabo. Ngaphambi kokuba baqale ukukhuluma ngezilimi, kwakukhona iziNkotha zoMlilo. Lowo kwakunguNkulunkulu ezihlukanisa Yena uqobo eNsikeni yoMlilo engena kwilungu ngalinye leBandla laKhe. UNkulunkulu Ezehlukanisa ukuze Abe khona emhlabeni jikelele yonke indawo ngesikhathi esisodwa.

90 Khona manje imihlangano yokuphulukisa iyahamba e-Afrika. Izinyonga ziyahamba, izimpumputhe ziyabona, emhlabeni wonke, iBandla lomhlaba jikelele leNkosi uJesu Kristu kumuntu ngamunye, amadoda aphilayo naMkhonzayo. UNkulunkulu Wazehlukanisa futhi Wazibeka phakathi.

91 "Ngalolosuku niyokwazi ukuthi Mina ngikuBaba, noBaba ukiMi, Mina ngikini, nani nikiMi." Niyabo? Niyabo? "Ngizoba . . . Kuseyisikhashana izwe (ikosmosi lapho, inqubo yomhlaba), ngeke lisaNgibona. Nokho nina, iBandla, niyakuNgibona, ngokuba Ngi, *Ngi* i 'sabizwana somuntu,' Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Kunjalo. "Ngi, Ngizoba nani . . . " Niyabo, iBandla lomhlaba jikelele leNkosi uJesu Kristu. "Ngizoba nani. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza."

92 Manje, ake sicabange umzuzu nje manje ukuthi Wenzani ngaleyonkathi. Ake sibone ukuthi hlobo luni lwemisebenzi Ayenza, nokuthi Wazazisa kanjani Yena uqobo. Manje, sithatha, isibonelo, Wayebizwa ngoMesiya. Futhi u*Mesiya* usho ukuthi, "OGcotshiweyo," uKristu. Wayethenjisiwe kusukela ensimini yase-Edene, emuva kuGenesise.

93 Manje, sibuyela emuva futhi sithole. Manje si—sifunda kulobubusuku kuJohane oNgcwele 12. Asibuyele emuva kuJohane oNgcwele 1, bese-ke sizothola ukuthi Wayeyini. Futhi uma singathola lokho Ayeyikho, nokuthi Wayengowaliphi ibandla, ukuthi Waya kuyiphi inhlangano, khona-ke uma kuyinhlangano yethu singagculiseka ngakho.

94 Futhi sizothola lokho Ayeyikho, nokuthi Wayeyini ngaleyonkathi, nokuthi Wenzani ngaleyonkathi, Ufanele abe yinto efanayo, futhi enze into efanayo namhlanje, ngoba Wathi Uyokwenza. Ingabe lokho bekungalenelisa ibandla na? Awu manje, ake sibuyele emuva futhi sithole.

95 Manje, ngizocaphuna, futhi nifunde. Lapho—lapho niya ekhaya, thathani lezi zahluko njengoba ngibhekisela kuzo lapha. Bese kuthi-ke, lapho sesiye sa . . . besizoba nenkonzo yokuphulukisa khona lapho, silokhu sigqobhoza nje kusukela

kuGenesise kuya eSambulweni ukukhombisa ukuthi leli yiqiniso.

96 Manje, ningahle nibe nemibono yenu yonke ilungisiwe (kanjalo nabaFarisi) ngalokho uMesiya ayeyokwenza lapho Efika. Kodwa Ufika ngokwehluka kancane. Nokho Ufika ngakho impela okwashiwo imiBhalo, ngendlela Yena . . . bona . . . ImiBhalo yathi Uyofika. Manje, ake siMqaphele umzuzu nje.

97 Siyathola, emva kokuzalwa kwaKhe, kuze kufike eminyakeni engamashumi amathathu ubudala, umzala waKhe wesibili, uJohane, wayebhaphathiza ehlane. Futhi uJesu wehla futhi wabhaphathizwa, futhi amazulu avuleka, futhi wabona uMoya kaNkulunkulu wehla njengejuba. Futhi Wahamba wangena ehlane futhi walingwa ngakho . . . izinsuku ezingamashumi amane zikadeveli, wabuya nenkonzo yaKhe.

98 Futhi into yokuqala Aqala ukuyenza, siyathola lapha kuJohane 1, Waqala ukuhambahamba ephulukisa abantu abagulayo. Futhi-ke kwakukhona indoda igama layo lingu-Andreya eyayikholwe kuYe. Ake simthathe nje isikhashana. Ake sithathe manje ukuthi Wazazisa kanjani Yena uqobo njengoMesiya.

99 Manje, khumbulani ukuthi uNkulunkulu njalo unikeza izibonakaliso nezimangaliso. Bangaki abakukholwayo lokho na? Manje, eTestamenteni eliDala . . . Manje, lalelisisani. Vele u bef- . . . Ngeke kuthathe isikhathi eside. Uma singanenza nibone uMlayezo, nina . . . ngeke kube khona umuntu lapha ohamba ngesihlalo esinamasondo. Ngeke kube khona umuntu ogulayo kulesi sakhiwo emizuzwini engamashumi amane ukusuka manje, uma uzolalela futhi ukubambisise.

Manje, ake sivele sikufakazise. Yilokho iBhayibheli elakusho. "Fakazisani zonke izinto." Manje, uma Enza isithembiso, Uzofanele asigcine isithembiso.

100 Futhi uNkulunkulu, eTestamenteni eLidala, uma umprofethi eprofetha, noma umphuphi ephupha iphupho, indlela abathola ngayo ukuthi lokho kwakuyiqiniso noma qha, behlela kwi-Urimi Thumimi. Abelusi nokunye nokunye uyazi ngalokho, isivikelo sesifuba sika-Aroni. Wayenamatshe ayishumi nambili amatshe okuzalwa okhokho. Yayilenga esigxotsheni sethempeli. Futhi lapho umprofethi eqala ukuprofetha, noma umphuphi elandisa iphupho, akunandaba ukuthi kuzwakala kuyiqiniso kanjani, uma kungabonisanga lokho kubanika okuhlangene phakathi lapho, okungaphezu kwemvelo kwakungasebenzi. Ngakho bawala umlayezo.

101 Angikhathali ukuthi kuzwakala kukuhle kangakanani, ukuthi kuhlangana kanjani nesayense yezenkolo kaDkt. *S'bani-bani,* noma kuhlangana kanjani ne . . . *leli*bandla noma *leyo*nhlangano, bakulahla ngoba okungaphezu kwemvelo akusebenzanga. Amen.

102 Ngiqala ukuzizwa ngikholwa. Yebo, mnumzane. Lapho uNkulunkulu ongaphezu kwemvelo ekhona, kuzoba nezinto ezingaphezu kwemvelo ezenzekayo. Awukwazi ukukugwema. Kufanele kube ngaleyondlela nje.

103 Manje, qaphelani, manje, ngenkathi lobobupristi buphela, ubupristi buka-Aroni, khona-ke leyo-Urimi Thumimi yasuswa. Kodwa uNkulunkulu unenye i-Urimi Thumimi, okuyiZwi laKhe, iBhayibheli.

104 Manje, uma uNkulunkulu enza isithembiso eBhayibhelini, bese kuthi-ke uma usemukela leso, isithembiso esingaphezu kwemvelo sizokwenza ukubonakaliswa okungaphezu kwemvelo, ngoba uNkulunkulu uzoliqinisekisa iZwi laKhe. Nakanjani. Uma lingakwenzi, khona-ke akusilo iZwi likaNkulunkulu. Uma kungesilo . . .

105 Khona-ke—khona-ke uma ukukholwa kwethu kungekukhulu ngokwanele, ungakuphiki, uma uNkulunkulu enzile isithembiso, yithi, "Kunjalo, kodwa anginakho ukukholwa okwanele kokukwenza," vumela omunye umfo akwenze.

106 Uma ngingenakho ukukholwa okwenele ukuqala ukuhamba njengoba kwenza u-Enoke, ngithathe uhambo lwantambama futhi ngiye Ekhaya noNkulunkulu, angisoze ngama endleleni yomunye umuntu onokukholwa okwanele kokukwenza. Ngiyothi, "Akadunyiswe uNkulunkulu ngalowomfowethu, wahamba waqhubeka ngqo waphuma emhlabeni, ngiyabonga nje ngalokho, A—angikwazi ukukwenza, kodwa yena . . . Ngiyabonga ukuthi ukwenzile. Ngi . . . " Niyabo? Ngiyakukholwa lokho, futhi angifuni ukuma endleleni yanoma yimuphi umuntu onokukholwa ukwenza iZwi likaNkulunkulu liqiniswe. Manje, kuzofanele kuvele eZwini.

107 Manje, ngenkathi uJesu efika, Weza kwabaKhe uQobo, amaJuda. Manje, sithola ukuthi Wayenesibonakaliso sikaMesiya esasiMlandela. UJohane wafakaza ngakho, futhi kwakubukeka sengathi i—ijuba, ukuKhanya, kwehla kuvela eZulwini. Wakuqaphela. Manje, ngenkathi lokho kuKhanya, noma ijuba, kungena eNdodaneni yomuntu, siyaqaphela ukuthi kwenzekani.

108 U-Andreya, ake siqale ngaye. Thina . . . Manje, kuJohane oNgcwele 1, isahluko 1, ngiphakathi. Sithola ukuthi u-Andreya, kwathi nje esekholwe eNkosini uJesu Kristu, uyahamba eyolanda uSimoni Petru. Igama lakhe kwakunguSimoni ngaleso sikhathi, futhi wathi kuSimoni, "Manje, ufanele uze uzobona." Asibhobokele engxoxweni yabo. Bobabili bangabadobi.

109 Ngiyambona uSimoni, mhlawumbe omdala kwababili, wahlala phansi eceleni komkhumbi wayesethi, "Andreya, manje uyazi ukuthi sobabili singabaFarisi, ngoba silandela ubaba wethu omdala, umFarisi. Futhi ngiyakhumbula, Andreya,

ngaphambi kokuba ubaba ashone ngisengumfana omncane, ngolunye usuku emva kokuba sidobe echibini usuku lonke golokonqo, siyangena; futhi ubaba wayekhuleke kanzima ukuthi athole inhlanzi. Futhi khona kanye ngehora lokugcina sabamba izinhlanzi okokudlwa kwethu ngakusasa. O, ngiyabona ukuthi umama uhlala kanjani—kanjani eguqe ngamadolo akhe ekhuleka. Samethemba kanjani uNkulunkulu ukuthi asisize."

"O, impela, mfowethu uSimoni. Ngikukhumbula kahle lokho."

110 "Awu, ngiyakhumbula," (Simoni) "ubaba wathi kimi ngelinye ilanga engiphulula izinwele ziya emuva, ngase ngibeka izandla zami phezu kwezinwele zakhe ezimpunga, futhi wathi, 'Simoni, ndodana yami, bengilokhu ngifuna ukuphila ukuze ngibone usuku lapho uMkhululi wethu, uMesiya, eyofika khona. Kodwa sengiyaguga manje, ngakho ngicabanga ukuthi ngeke ngisakwazi ukuMbona, Simoni. Kodwa wena ungumfana omncane. Akungabazeki ukuthi uzoMbona ngosuku lwakho.

111 "'Manje, kuzoba nokudideka okuyinqwaba. Kuhlala kunjalo, Simoni. Ngaphambi nje kokuba okungaphezu kwemvelo kwenzeke, kuzoba nezinto eziyinqwaba ezingamanga ezizokwenzeka. Kodwa ngifuna ukhumbule lokhu, Simoni, ukuthi lapho uMesiya efika, uMesiya uzakuba nesibonakaliso sikaMesiya. Futhi uyoMazi ngesibonakaliso.

112 "'Washo njalo uMose, ngokuba uMose wathi, i—phakathi, ngale esahlukweni sika—kaDuteronomi, sithola lokhu, ukuthi Yathi iNkosi . . .'" (Duteronomi 18:15, uma nifuna ukukubhala phansi ukuze nikufunde. Funda sonke isahluko, wehle.) "'. . . ukuthi iNkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umprofethi onjengami. Kuyokwenzeka ukuthi ongasoze amuzwe lo mprofethi uyonqunywa phakathi kwabantu.'" Niyabo?

113 "Manje, wathi, 'Manje, khumbula, Simoni, kungase kube khona izikhulumi ezinamandla ezivukayo. Kungase kube khona amadoda amakhulu azovuka. Kodwa khumbulani, njengamaJuda, siyazi ukuthi uNkulunkulu usithumelela umProfethi, uMesiya-uMprofethi. Futhi isizathu . . . Manje, sesibe neminyaka engamakhulu amane manje, kusukela kuMalaki, asikaze sibe nabo abaprofethi, kodwa lapho uMesiya efika, Uyoba nguNkulunkulu-Mprofethi. SizoMazi ngalokho. Manje, ungakukhohlwa lokho, Simoni.'"

114 Manje, uthi, "Andreya, ungase uthi lena indoda enkulu. Iyakwazi ukubamba abantu bengaphansi kwelumbo. Kodwa kimi, Ifanele abe ngumProfethi ngoba uMesiya . . .

Futhi ngikuzwile ukhuluma ngaleyondoda ehlane nokunye nokunye, Johane. Yena, mhlawumbe, wayengumprofethi naye. Angazi.

115 Kodwa loMesiya uzoba nguNkulunkulu-Mprofethi. Uzoba uMprofethi-nangaphezulu. Uzoba ngaphezu komprofethi.

Uzoba uMprofethi-nangaphezulu. Ngizohamba nawe ngelinye ilanga."

116 Sengiyabona ngeso lengqondo ngibona u-Andreya, ngaleso sikhathi, eya ngale enkonzweni ukuyozwa uJesu waseNazaretha, bese-ke efika ekhaya futhi wamtshela izinto ezithile ezenzekile. Ngakho ngakusasa mhlawumbe uSimoni wanquma ukuthi uyohamba.

117 Futhi niyakhumbula, wanikwa izihluthulelo, uSimoni wanikezwa, kamuva. Wayeyindoda engazi lutho. Akaphumanga kunoma yimaphi amakolishi ezenkolo, noma yiziphi izikole zabo zeBhayibheli. Wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo, uSimoni Petru. IBhayibheli lathi wayeyikho kokubili engazi futhi engafundile, kodwa baqaphela ukuthi wayekade enoJesu. Manje, leyo yinto esemqoka. Lelo yiPhentekoste leqiniso. Niyabo?

118 Manje, sithola ukuthi wehla futhi mhlawumbe wenyuka no-Andreya, nesixuku esikhulu sabantu nxazonke. Futhi kwathi nje lapho efika emehlweni eNkosi uJesu, ezibuza ukuthi ngabe WayenguMesiya yini. Manje, sizothola ukuthi uMesiya wayeyini.

119 Futhi wathi nje engangena eBukhoneni bukaMesiya, Wambuka, Wayesethi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona." O, he. Lokho kwakwenele kuye. Akusikho kuphela ukuthi Wayengazi ukuthi wayengubani, Wayazi lowobaba omdala omesabayo uNkulunkulu owayemtshele ukuthi Wayeyoba yini. Lokho kwakuxazulula ingunaphakade. Lowo kwakunguMesiya. Yebo, mnumzane.

120 Uma lowo bekunguMesiya izolo Ezazisa kwabaKhe uQobo, lowo nguMesiya namhlanje Ezazisa kwabaKhe uQobo. Khumbula: kwabaKhe uQobo. Sizofika kulokho emzuzwini.

121 Manje, kwakuyini na? Kwakukhona abaningi ababemi lapho, mhlawumbe, ababengakuqondi lokho. Kodwa uSimoni wayekwazi, ngokuba wayebheke lolo hlobo loMuntu. Wayeholwa nguMoya. Wayazi ngomBhalo ukuthi lowo kwakunguMesiya impela. Akamazanga kuphela, kodwa Wamazi uyise, futhi wabiza amagama abo bobabili.

122 Futhi nakho kwakumi indoda lapho, igama layo linguFiliphu, noFiliphu wathi, "Awusho, yilokho-ke. Ngiyazi ukuthi lowo nguMesiya." Futhi wazungeza igquma wahamba, amamayela ayishumi nanhlanu ezungeza igquma, ukuthola umngane ozomtshela ngakho.

123 Kukhona *enye into*, lapho uthola umbono kaKristu ngempela, awukwazi ukuhlala uthule. Ufanele utshele umuntu othile ngakho. Ukuthinta kwaKhe nje, futhi kwenza umphefumulo wakho uvuthe amalangabi.

"Ngifanele ngithole . . . Nginomngane ogama lakhe linguNathanayeli. Uyindoda enkulu. Uyisifundiswa esihle." Washo wazungeza intaba.

124 Mhlawumbe kwase kuhwalala lapho engena. Ungqongqoza emnyango, noNkk. Nathanayeli weza emnyango. "Awu, uma kungeyena umngane wethu uFiliphu."

"O, uphi uNathanayeli na?"

"Ushaywa umoya uphumela engadini yezithelo."

125 Waphuma waya engadini yezithelo, futhi wathola, phandle lapho ngaphansi komkhiwane, wathola uNathanayeli ephansi ngamadolo akhe, mhlasimbe, ethi, "O Nkosi Nkulunkulu, Wasethembisa ukukhululwa. Sikubhekile. Kade sikulindile. Uyokwenza nini, O Nkosi Nkulunkulu na? Ngilindele leso sithembiso Osinikayo." Asukume, azithuntuthe izintuli izingubo zakhe—zakhe *kanjalo*, futhi waphenduka, futhi ubani owayemi lapho ngaphandle kukaFiliphu.

Wathi, akungabazeki, "Filiphu, mngane wami."

126 Futhi ngaphambi kokuthi asho noma yini, "Kuhamba kanjani? Ingabe izihlahla zikahle na?" wayenomyalezo ophuthumayo, into yangokoqobo. Wathi, "Woza, ubone ukuthi ubani esiMfumene." O, khona ngqo esikhonkosini. "Woza ubone ukuthi ngubani esiMfumene, uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa. UnguMesiya. Ngiyazi UnguMesiya."

127 O, manje, ngiyambona uNathanayeli ethi, "Manje, Filiphu. Manje, ngiyazazi izifundo zeBhayibheli eziningi esibe nazo, ukufunda esikoleni okuningi okuhle esibe nakho ndawonye. Futhi siyazi, mina nawe siyazi . . .

128 "Manje, kwenzekeni, Filiphu na? Ingabe uye endaweni ejulile ekugcineni ndawondawo na? Awu, kwenzekeni kuwe, Filiphu na? Manje, ungezi ungitshele ukuthi—ukuthi loMesiya angake aphume eNazaretha. Manje, siyazi, siyizwile inkulumo yokugcina kaKayafase, ukuthi ngolunye usuku uMesiya wayeyofika, futhi mhlawumbe Wayeyohlala cababa njengendiza, niyazi, khona ngqo phandle ematendeni ethempeli.

129 "Uyoza enhlanganweni yethu, ngoba inkulu kunazo zonke ekhona ezweni. Futhi Wayezofika kahle . . . Futhi uma Engezi kokwethu, ngeke sikukholwe. Ngeke sihlanganise lutho nakho, ngeke sibambisane nabanye babo. Qhabo. Kukhona . . . Uzoza kithi. Yithina. Futhi Uzophumela lapho, futhi Uyokhuphukela kuKayafase, umpristi omkhulu, umbhishobhi wethu, futhi athi, 'NginguMesiya. Ngize manje ukuzothatha izintambo.' Ngokuqinisekile ileyo ndlela okuzokwenzeka ngayo."

130 Lowo mbono awukaze usuke kubantu. Kunjalo. Kodwa uyazi ukuthini? UNkulunkulu wenza izinto ngendlela Afuna ukuzenza ngayo. Ngokuvamile Ukwenza ngokuphambene nendlela sonke esilungiselwe ukukwemukela ngayo, ukuze Akwazi—Akwazi . . .

131 Awu, U—Uzifihlile emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi Wazembula ezinganeni ezizozithoba futhi zifunde kuYe. Manje, masinya, bhekisisani ukuthi kwenzekeni.

Kodwa ngiyamuzwa uFiliphu eya kuye nokuthile okuhle, hhayi amazwi athile Ayewashilo, kodwa okuthize Ayekwenzile.

Manje, ngiyamuzwa ethi, "Nathanayeli, uyisifundiswa somBhalo."

"Yebo, mnumzane."

"Uzoba nguMuntu onjani uMesiya na?"

"Ngani, uMesiya uzoba ngumProfethi."

132 "Yebo, nkosi, yiqiniso lelo, ngoba uMose wasitshela, umholi wethu, wayenguye, noma, amazwi akhe esithembele kuwo, futhi sifanele sethembele kuwo, kwaze kwafika umProfethi. Futhi Wayezoba nguMesiya, futhi wayezobonisa isibonakaliso sikaMesiya."

"Yebo."

133 "Awu, loJesu waseNazaretha engikhuluma ngaye... Uyakhumbula lowo mdobi omdala ezansi lapho abambiza ngoSimoni, uthenge izinhlanzi kusukela ngaleso sikhathi, futhi akakwazanga ngisho nokusayina irisidi yayo?"

"O, yebo. Ngangimazi, futhi ngangimazi kahle uyise."

134 "Awu, ngolunye usuku umfowabo wamyisa ezethamelini lapho uJesu wayemi khona. Waqalaza, wathi, 'Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJona.' Uyabazi bobabili."

"Futhi Wakwenza lokho na?"

"Yebo."

"Ubani oMtshelile ngakho na?"

135 "Akekho. USimoni usanda kukhushulwa ngu-Andreya, umfowabo, wenyukela lapho. Uyazi bekungeke kungimangaze kodwa Ubezokutshela ukuthi ungubani lapho ufika lapho."

"Awu, angazi ngalokho manje. Ngifanele ngibone. Niyazi, ngibe yindida isikhathi eside. Ngakho, ngizo—ngizofanele ngibone ngalokhu."

136 Futhi into yokuqala niyazi, ngosuku olulandelayo lapho bekhuphuka, awu, bangahle ukuba beze ngomugqa womkhuleko, noma bangahle ukuba beza ezethamelini. Angazi. Empeleni, kwathi nje uJesu embona okokuqala, uJesu wamqalaza, wathi: "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye." Lokho kwamkhipha isitashi. Lokho...

137 Wathi...Manje, mhlawumbe abanye babo bama eduze, uthi...Awu, namuhla bazothi, "Ngani, impela, ubeyokwazi ukuthi wayeyilokho, ngoba indlela ayegqoke ngayo, wayengumIsrayeli." Qhabo, qhabo. Bonke abasempumalanga bagqoka ngokufanayo. Wayengaba umArabu. Wayengaba

umGreki. Impela, bonke babemnyama, babegqoke i-gla-. . . babenentshebe nemishuqulo yamadoda, nezingubo ngokufanayo.

Yena—Yena wathi, “Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye.”

O, kwavele kwamphatha kabi kakhulu. Wathi, “Rabi, Wake wangibona nini na?”

Wathi, “Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi kwesihlahla, Ngakubona.”

Mlaleleni. “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli.” Niyabo, ezazisa Yena uqobo kwabaKhe uQobo.

138 Manje, kwakukhona labo ababemi eduze ababezibiza ngabaKhe uQobo. Omunye wabo wema ngakuYe, futhi wathi, “Uyazi ukuthini? Ngifanele nginikeze impendulo emabandleni ethu. Akazange eze enhlanganweni yethu. Ngakho sizolitshelani ibandla ngakho, lapho bona. . .? Sifanele—sifanele sisho okuthize, ngoba kukhona okwenziwayo. Ngakho thina. . . Sizolitshelani ibandla lethu na?”

Omunye wabo wathi, “Ngizokutshela.” Umkhandlu wabefundisi omncane ngale ekhoneni uthe, “Okukadeveli. Kunjalo impela.”

139 Kodwa abakwazanga ukuMfihlela khona. Waphenduka, ebona imicabango yabo. Wathi, “Usho lokho ngokumelene naMi, iNdodana yomuntu, Ngizokuthethelela ngakho,” kodwa manje, ukuhlephula leliZwi, “kodwa ngolunye usuku, uMoya oNgcwele uzofika, wenze into efanayo. Izwi elilodwa elimelene nawo alisoze lathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo.” Isono esingenakuthethelelwa, ukubiza uMoya kaNkulunkulu owenza imisebenzi yobuMesiya, njengoba Ayeyenza, umoya ongcolileyo njengombhuli.

140 Wathi, “UnguBelzabule, umbhuli. Ufunda izingqondo zabo. U—Unokufunda ingqondo, ukufunda kwengqondo ngokomqondo, futhi Uyakwazi ukufunda izingqondo zabo. Yilokho Akwenzayo.” Babengenakusho ukuthi Wayengakwenzi, ngoba kwakunjalo khona lapho, phambi kwabantu.

141 Kodwa buka lamadoda ayemiselwe ukuPhila. O Nkulunkulu! Igama labo alinakufa namuhla. BaseNkazimulweni kanye noKristu. Bakuqonda ukuthi kunguMesiya. Wathi, “Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, iNkosi ka-Israyeli.”

Wathi, “Ngoba Nginitshelile lokho, niyakholwa na? Khona-ke wozani nihambe kanye naMi. Nizobona okukhulu kunalokhu.” Kodwa ngoba wayekholwa!

142 Manje, uma leso bekuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, futhi UnguMesiya ofanayo namhlanje, kuzofanele kube yinto

efanayo namuhla njengoba bekunjalo izolo. UZazisa kanjalo-ke eBandleni laKhe.

143 Manje, zintathu kuphela izinhlanga zabantu emhlabeni. Labo ngabantu bakaHamu, uShemi, noJafete; nangalolo suku, olwaluthathwa njengomJuda, oweZizwe, nomSamariya. Manje, abeZizwe, thina ama-Anglo-Saxon, sasingabahedeni ngalezozinsuku. Sasikhonza izithixo, amaRoma, nokunye nokunye, siphethe izagile emihlane yethu; futhi sasingambhekile uMesiya. Futhi khumbulani, uMesiya uyeza kuphela futhi Azibonakalise kulabo abaMbhekile.

144 Isizathu sokuthi singaziboni lezizinto namuhla, asizibhekile. Sibheke emabandleni ethu, amahlelo ethu, izakhiwo zethu ezinkulu, ukuthi sikhula kangakanani. Susa amehlo akho kulokho. Bheka kuMesiya. Sisesikhathini sokuphela.

Manje, qaphelani ukuthi kwenzekeni. Bese-ke sithola ukuthi Wafika. Manje, kukhona . . . Wenza . . . Wazazisa ngaleyondlela Yena uqobo kumaJuda.

145 Manje, sizothatha, siphenye amakhasi ambalwa kuJohane oNgcwele, isahluko se 4. Wayeya eJeriko. Uma noma ngubani oke waba sePalestine, kungezansi ngaphansi kweJerusalema. Kulapho Ayesendleleni yaKhe khona. Kodwa Wayenesidingo, wadlula ngeSamariya wenyukela entabeni. Angazi kungani? Manje, kuJohane oNgcwele 5:19, 5:19, uzofunda lokhu: "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uBaba ekwenza . . ." Niyabo, WayengumProfethi, ingxenye yaKhe yomProfethi. Manje, Ungaphezu komprofethi. Ningacabangi ukuthi ngiyaMvumela umprofethi. Angikwenzi.

146 Ngizwe uDadewethu uFlorence ecula esikhashaneni esedlule. Ngiyathanda ngaye, ngobunye ubusuku, ezansi lapha, ukucula, *Phansi Enkazimulweni YaKhe*. Ngiyalithanda leloculo. Liveza ubuNkulunkulu obuphakeme bukaJesu Kristu. Ngezinsuku lapho bezama ukuMenza umprofethi nje, WayenguNkulunkulu-mProfethi. Wayengaphezu komprofethi. WayenguNkulunkulu ebonakalisiwe; kodwa isibonakaliso saKhe sikaMesiya sasingumprofethi.

147 Manje, sithola ukuthi lapho siMbona lapho, emi lapho; bese ekhuphukela eSamariya. Manje, amaSamariya nawo ayeyingxenye yomJuda noweZizwe, owayekhonza uNkulunkulu. Manje, sithola ukuthi Wenyukela lapho, futhi kwakungaba ngeleshumi nanye noma ngeleshumi nambili nqo. Wathuma abafundi baKhe ukuba bayothenga umphako, ukudla; wehlela eSamariya. Wahlala phansi emthonjeni, mhlawumbe indawo ebonakala kuyo yonke indawo, into ethile efana nalesithombe esihle emuva lapha, ehlezi laphaya emthonjeni. Uma wake waba seSamariya, futhi uqaphele umthombo womphakathi womuzi lapho, usekhona.

148 Futhi kwakungaba ihora leshumi nanye emini. Kwakukhona owesifazane owayezokha amanzi. Ake sicabange ukuthi wayemuhle, njengamanye amanenekazi anamuhla, kuphela kwakwehluke kancane. Khona sithola ukuthi yena . . . [Ibandla liyahleka—Umhl.] Ya. Ngangicabanga ngaye, ngizoba ne . . . menze abe nezinwele ezinde.

149 Bengicabanga ngalowo wesifazane owageza izinyawo zikaJesu, niyazi, ngezinyembezi zakhe, wazesula ngezinwele zakhe. Wayezoba nesikhathi esinzima . . . Ubeyofanele ame ngekhanda lakhe namhlanje ukuze athole izinwele ezanele ezansi lapho ukuba asule ngazo izinyawo zaKhe. Sebezigunde zonke. IBhayibheli lathi, "Ziludumo lwakhe," ngakho uvele wanquma inkazimulo yakhe. Angazi ukuthi kungani. Mhlawumbe ubuke umuntu mumbe phezulu lapha acabanga kakhulu ngaye, enhla eHollywood. Kodwa nokho . . .

150 Ni—nizongibiza ngohlanya. Nizongibiza ngohlanya uma nifuna, kodwa ngoSuku lokwaHlulela niyothola ukuthi ngu ISHO KANJE INKOSI. Kulungile. Akumangalisi sinebandla elifayo; elingafi, kodwa elifile. Kunjalo. Umoya kaNkulunkulu udabukile futhi usuhambile kulo. Izindlela zethu ziMdabukisile waqhela. Ukwehluka kwethu, nokunganaki kuYe, yilokho okwenzile. Angifuni ukunilimaza. Angizile lapho ukuzonilimaza. Ngilapha ukuzonivusa. UNkulunkulu abe nomusa.

151 Siphe amandla nesibindi sokuhlala eZwini likaNkulunkulu, siLilethe kungakhathaleki ukuthi lichaza ukuthini, ukuthi lithini. Sithatha abefundisi ukuze singenise imali, ukuba baxegise, ukuphatha izingubo ezinkulu zikamabonakude, nezinto ezinjalo, ukuxegisa nabantu. Hhayi mina. Ngingamane ngilale ngesisu sami, futhi ngiphuze amanzi egatsha, futhi ngidle amakhekhe omile kasoda, futhi ngishumayele iqiniso, kunokuba ngime lapho phambi kwebandla ngoSuku lokwaHlulela, futhi ngilahle kanye nabo.

152 Umbuso wami awusiwo owaleli zwe. Ingcebo yami ayikho kulelizwe. Ingcebo yami iseZulwini, futhi intshisekelo yami ingabantu bakaNkulunkulu, iBandla laKhe.

Ungazifanisi nenkosikazi yomelusi othile, noma inkosikazi yomfundisi othile, noma inkosikazi yomvangeli. Zifanise neBhayibheli. Kunjalo.

153 Namuhla sifanele sifanelane. Owesifazane angagqoka ingubo ethile eya esontweni, noma alungise izinwele ngendlela ethile, futhi wonke owesifazane ufuna ukugqoka into efanayo. Wenza okufanayo kubo bobubili ubulili. Anginendaba noma ngabe ijazi lami liyafanelana nebhulukwe lami noma uthayi wami uyafanelane nehembe lami. Ngifuna isipiliyoni sami sifanelane neBhayibheli likaNkulunkulu. Yilolo hlobo

lokufanelana esiludingayo namuhla, imvuselelo yalolohlobo lokufanelana, noMoya kaJesu Kristu ophila phakathi kwethu.

Lokho ngukuthi . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

154 Abakwazi ukuxubana ndawonye njengoba benza phezulu lapha eLos Angeles, nangalapha. Abakwazi ukuxubana ndawonye. Awukwazi ukuhlukanisa omunye komunye manje. Bonke bayafana. Ngalezozinsuku kwakwehlukile. Uma owesifazane wayemubi, wayephawulwa kabi. Wayehlala nahambisana nabo; akazange azihlanganise nabo bonke abanye. Manje, kufana nje nokuthatha i—iqanda uhambe ukha phakathi kwalo. Livele libe phuzi yonke into. Niyabo? Ngakho yilokho okuyikho manje.

155 Bheka, bengifunda lapha lapho iprover- . . ., bahlanekezela, njalo, esizweni naseLos Angeles, ukuthi kukanjani; o, kubi kabi. Ukukhula kwakho kucishe kube ngamaphesenti angamashumi amathathu onyakeni odlule. Okunje . . . Ngani, yiSodoma.

156 O, kwangathi uNkulunkulu anganyakazisa abantu lapha, umuzwa, imvuselelo ndawo ndawo ezonyakazisa ibandla lePentecostal libuyele emiqondweni yalo futhi, likhafula uMlilo phezu kwezethameli ukuze abantu baqonde lelihora esiphila kulo, behlezi belele, njengoba, kusobala iBhayibheli lathi bayokwenza, ngiqagele. Awu, nakho lapho okhona.

157 Manje, lo wesifazane uyaphuma. Futhi yena, mhlawumbe waphuma ngaleso sikhathi; mhlawumbe wayephume ubusuku bonke futhi walala kwaze kwaba yileso sikhathi. Kodwa noma kunjalo, waphuma nembiza. Wafaka izintambo ezincane ngaphansi, namahhuku amancane, wase ehlisa isigwedlo ukuze athole amanzi. Futhi lapho esezokha amanzi akhe, wezwa uMuntu mumbe ethi, "Sifazane, Ngiphuzise."

Manje, khumbulani ungumSamariya. Manje, Wakhombisa lesisibonakaliso sikaMesiya kumaJuda. Manje, nawa amaSamariya. "Sifazane, Ngiphuzise."

158 Wathi, wabheka, wayesethi, "Kungani, manje," Ngizokwenza, ngikuhlaziye, "sinokwehlukana lapha. Akusilo isiko kuWe, ungumJuda, ucele mina, owesifazane waseSamariya, into enjalo." Futhi wathi . . .

159 Cishe Wayehlezi lapho, ukuthi Wa—Wayengakabi neminyaka engamashumi amathathu nantathu ubudala, kodwa umBhalo wathi, uJohane oNgcwele 6, wathi Wayebukeka enamashumi amahlanu. Wathi, "Awuyona indoda eneminyaka engamashumi amahlanu ubudala futhi uthi umbonile u-Abrahama."

160 Wathi, "Ngaphambi kokuba u-Abrahama abe khona, NGIKHONA." Kunjalo. Niyabo? Mhlawumbe umsebenzi waKhe waMephula, kungenzeka ukuthi wayesempunga kancane, noma okuthize.

161 Esahlezi lapho futhi wayeMbhekile, INdoda ebukeka ineminyaka engaba ngamashumi amahlanu imile incike eceleni kwalolo donga, wathi, "Akusilo isiko kini maJuda ukubuza thina maSamariya."

162 Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi ubukhuluma noBani, ubuyocela Mina okuphuzwayo." Wayenzani na? Manje, uzofanele uthathe izwi lami ngalokhu. Wayezama ukuxhumana nomoya wakhe. UNkulunkulu wayeMthumele ezansi lapho. UNkulunkulu ungithumile kulelibandla. Anginazi. Niyabo? Angazi noyedwa kini.

163 Kodwa uNkulunkulu wayeMthumele phezulu lapho. Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya. Ngani? Babebheke uMesiya. Wayekwenzile, uyakhuphuka futhi abakhombise ukuthi WayenguMesiya. Ngakho Wahlala lapho. Lo wesifazane wathi, wakhuluma naYe, wathi, ukuze alandise, wathi, "Umthombo ujulile, futhi Awunalutho ongakha ngalo." Wathi, "Obaba bethu babekhonza kulentaba, nokunye nokunye, futhi Uthi eJerusalema . . . " Nengxoxiswano yaqhubeka.

164 Wayezamani, enzani na? Thola ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe. Manje, lalelisisa manje. Thola ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe. Manje, kuyini na? UMesiya uzoZazisa kwabaKhe uQobo eSamariya (Niyabo?), kumaSamariya. Ukuthi Wakwenza kanjani kumaJuda, Ufanele enze into efanayo kumaSamariya. Impela. Ufanele abize abaKhe uQobo ngokufanayo . . .

165 Niyakukhumbula engikushilo izolo ebusuku na? Uma uNkulunkulu eke enze isinqumo sokwenza into ngendlela ethile, Ufanele akwenze ngaso sonke isikhathi ngendlela efanayo. Uma Engakwenzanga, Wenza iphutha ngenkathi Ekwenza okokuqala. Niyabo? Awuniki omunye ucezu lwesinkwa sommbila kanti omunye ucezu lwekhekhe. Kuyafana konke, ncamashi nje. Niyabo? Manje, qaphelani, U, U—U—Ungongenasiphelo, uphelele, unamandla onke, ukuyo yonke indawo. Manje, sibonile lapho ukuthi lomSamariya, manje, Uzozazisa kanjani Yena uqobo kumSamariya na? Umbuzo uphakathi kwaKhe nowesifazane.

Futhi emva kokuba Esembhekile imizuzu embalwa, uBaba wayeMthumele phezulu lapho, ngakho Wa—Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

"O," Wathi, "kunjalo. Usube nayisihlanu, nale ohlala nayo manje akuyona indoda yakho. Ngakho usho kahle."

166 Ngiyasibona leso esihle, isixheke sezinwele ezinkulu ezigoqene zehlela emahlombe akhe, namehlo akhe amakhulu ansundu, nezinyembezi zehla ezihlathini. Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Wena ungumProfethi." Kuhluke kangakanani kulesosifebe, nalabo bashumayeli. Wayazi okuningi

ngoNkulunkulu kunengxenye yabo. Kuhle kakhulu ngaleyo ndlela namuhla, futhi. Kunjalo. Ya.

167 Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumProfethi." Wathi, "Siyazi, thina Mess-. . . thina maSamariya, siyazi ukuthi lapho uMesiya efika, lokho kuyoba yisibonakaliso Ayosenza. Ngakho Ufanele ube ngumProfethi waKhe. Siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezi zinto; kodwa Ungubani Wena na?"

O, he. Akukaze kube khona kodwa Oyedwa ongake asho lokhu. Wathi, "NginguYe Okhuluma nawe."

Wakuqonda. Lowo kwakunguMesiya lowo ayefundiswe ukuthi uyeza. Wayazi ukuthi Wayezoba ngumProfethi, uNkulunkulu-mProfethi. Ngakho wathi . . .

168 Wawisa imbiza yakhe yamanzi, noma, wayibeka phansi, noma ini, futhi wagijimela emzini. Futhi bhekani umyalezo wakhe. Wagijima wangena, wathi, "Wozani nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Ingabe lesi akusona kanye isibonakaliso sikaMesiya na? Ingabe lo akusuye yena kanye uMesiya na? ImiBhalo yethu ayisitsheli yini ukuthi lapho Efika, yilokho Azokwenza na?"

169 NeBhayibheli lathi amadoda akulowomuzi aMkholwa ukuthi unguMesiya ngenxa yobufakazi bowesifazane Ayemtshele izinto ayezenzile. Ngabe lowo umBhalo na? UJohane oNgcwele 4.

170 Manje, ngiyabona ukuthi isikhathi sami siyahamba, ngakho ngizofanele ngiphuthume manje futhi ngibe nomugqa womkhuleko. Angifuni ukunigcina isikhathi eside kakhulu. Niyabo? Kodwa lena, kube yinkonzo yokugcina yokuphilisa, ngokwazi kwami manje, kuze kube yiSonto ebusuku. Kodwa manje, linda. Ake ngithole esinye esincane—ncane isando lapha ukunquma lesi sipikili lapha ukuze ngisenze sinamathele.

171 Manje, kwakukhona amaJuda: Wazazisa kanjani Yena uqobo kumaJuda njengoMesiya na? Ngokukhombisa ukuthi WayenguNkulunkulu-mProfethi. Ngabe kunjalo na? Nonke nivumelana ngalokho na? Manje, khumbulani, abaKhe uQobo, abaKhe uQobo. Amanye amaJuda, amaJuda avamile nje, labobefundisi basendulo, nabefundisi basesontweni bemi ngalapho bene-D.D.D., iPh.D., iLL.D., bemi lapho, niyazi, neziphika zabo ziphendukezelwe, ukusho kanjalo, nemishuqulo yamadoda, nakho konke kanjalo, bathi, "Ku—kuwukufunda ingqondo. Ungakwenzi . . . Niyabo? Bheka izinga lakhe. Bheka lapho avela khona. Uyini kwasekuqaleni na? Uvela kusiphi isikole na? Wakufunda kuphi lokhu na? Asinalo irekhodi lakhe ngisho nokuya emakolishi ethu ezenkolo, ngakho-ke uyazi ukuthi ngeke alunge. Akayena owe-Assemblies. Akayena owe-Oneness. Akayena oweChurch of God, iBaptisti, iPresbyterian, noma iKatolika. Asinawo umlando wakhe esezikoleni zethu."

172 Ngiyazi ukuthi ngizwisa ubuhlungu, kodwa umama wayevame ukungitshela . . . Sasiyizinganyana ezincane, thina . . . wena . . . sasihlala—sasihlala simpofu kakhulu, emuva lapho ezintabeni, sasifanele si—sithathe isinkwa sommbila, niyazi, futhi sithole amafutha kabhekeni. Sizothola futhi senze ukudla kommbila. Futhi njalo ngoMgqibelo ebusuku kwakuzodingeka si—sigeze kanye nethamo likakhasta oyela. Ngakho silungiselela iSonto ekuseni, sibuyele esikoleni. Ku—kwakukubi kakhulu, ukudla kwethu—kwethu, sasithola isifo sokudabuka kwesikhumba nakho konke. Imfino katheniphu, nophizi onamehlo amnyama, nesinkwa sommbila, notiligi wamabele, yilokho esakhuliswa ngakho. Ngakho kwakuzodingeka sithathe lowokhasta oyela, futhi uMama wayevame uku . . . Ngizoqala ukukuthatha, ngiyothi, "O, Mama. Ngiyacela, ngiyacela, kuyangigulisa kakhulu."

Futhi uyothi, "Uma kungakugulisi, akukusizi ngalutho."

173 Ngakho mhlawumbe lokhu kuzoshukumisa okokugayeka kokudla kwakho ndawo ndawo, okuyokwenza ube muhle kahle futhi ugule; lokho kuzokwenza abantu bahlole imiBhalo, ngokuba Iyiqiniso. IyiZwi likaNkulunkulu. Yiyo engenakuphosisa. Yiyo efakaza ngoMesiya. Amen. Umi ngeZwi laKhe. Amen.

174 Angi "ameneli" mina, kodwa u *amen* usho ukuthi "makube njalo." Ngi—ngikukholwa ngenhliziyo yami yonke, ukuthi amazulu nomhlaba kuyodlula, kodwa leloZwi alisoze ledlula.

Qaphelani, lona wesifazane ongumSamariya. UmSamariya kwakufanele aqonde ukuthi WayenguKristu.

Manje, "Kuthiwani ngabeZizwe, Mfowethu Branham na? Ubashiya ngaphandle."

175 Akukho neyodwa indawo emBhalweni lapho Ake enze khona lesosibonakaliso phambi koweZizwe. Yithole futhi ungibonise yona. Ayikho lapho. Qhabo, mnumzane. Ayikho lapho. Wabonisa isibonakaliso saKhe sobuMesiya kulabo ababebheke uMesiya. O, ngicela ukuqonde lokhu. Leyo yinto efanayo Ayenzayo namuhla. Manje, ngizokukhombisa ukuthi kungani.

176 Manje, qaphelani. Ngaphambi kokuba Ahambe, nokho, Waprofetha ngonyaka wabeZizwe. Manje, amaJuda, ayebe neminyaka eyizinkulungwane ezine ukukholwa kuMesiya, namaSamariya asemuva le ngesikhathi sikaMose, ngenkathi beganwa yilaba besifazane bakwaMowabi, kanjalonjalo, futhi bahlukana futhi baba uhlanga ingxenye, nokunye nokunye. Manje, bonke babenayo yonke leminyaka bebheke uMesiya, futhi kwakukhona *oweqiniso enhliziyweni* phakathi lapho, manje bhekisisani: AbaKhe uQobo.

Kusho kanye nami, "AbaKhe uQobo."

177 Wazazisa Yena kwabaKhe uQobo, manje bhekisisani, amaningi amaJuda awaMkholwanga. Ngoba nje babengamaJuda, lokho kwakungelutho, kodwa yilabo ababenamagama abo eNcwadini yokuPhila selokhu kwasekelwa izwe.

178 Niyakhumbula, iBhayibheli lasho ukuthi bonke, umphikukristu ngezinsuku zokugcina, okwakuyizinhlangano zezenkolo. . . Ngizofika kulokho kuleliviki, iNkosi ithanda, noma ngeviki elizayo, niyabo (kulungile), futhi ngifakazise ukuthi ngumphikukristu. IBhayibheli lisho njalo. Kunjalo. "Futhi wadukisa bonke abakhileyo emhlabeni abamagama abo ayengalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ababuleweyo kusukela ekusekelweni komhlaba." Kwaba ngaleso sikhathi. Niyabo?

179 Manje, labo aba, "Konke uBaba aNgiphe khona (inkathi edlule) kuyokuza kiMi. Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi." Hhayi ngenxa yohlobo noma uhlanga, kodwa, "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi." Manje, bhekisisani.

180 Manje, wena uthi lokho ngubuCalvin. Angiyena umCalvin manje. Ngikholwa ukuthi ukuvikeleka kuhambisana neBandla. Kunjalo impela. Kodwa uma useBandleni, uvikelekile ngakho. Kodwa ngabe useBandleni, into elandelayo na? Manje, yilokho-ke. Hhayi ngoba uthi unjalo, lokho akukubeki lapho.

181 Manje, kodwa, qaphela, mfowethu, ngishiya leyondaba, sibuyela kowesifazane ongumSamariya. Manje, bhekisisani Akusho lapho. Manje, wathi, "Ngani, ngokuqinisekile. Siyazi ukuthi lowo nguMesiya. Uyokwenza lesosibonakaliso lapho Efika."

182 Manje, ngaphambi kokuba uJesu ahambe, eNcwadini kaLuka oNgcwele, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Wake wakuzwa lokho na? Manje, ake si. . . Okokuqala wathi, ngesikhathi sikaNowa, Wathi okukaNowa: ukudla, ukuphuza, ukushada, ukwendiswa.

183 Kodwa eSodoma, manje, ake sibheke. Manje, kuhlala kunamazinga amathathu abantu. Babhekisise. Manje, iSodoma lalimele impela amazinga amathathu abantu, njengoba kwenzeka ngesikhathi sikaNowa, lapho umhlaba ubhujiswa ngamanzi. Manje, eSodoma labhujiswa ngomlilo. Ngabe kunjalo na? Manje, qaphelani. Kwakunamazinga amathathu abantu neziThunywa ezintathu. Manje, u-Abrahama wayemele "AbaKhe uQobo."

Kushoni futhi: "AbaKhe uQobo."

U-Abrahama neqembu lakhe babengaphandle kweSodoma, futhi lona impela igama elithi *ibandla* lisho "ababizelwe ngaphandle, abahlukaniselwe."

184 ULoti wathatha ukukhetha kwakhe nezinhlangano zakhe, futhi wehlela lapho, waba yimeya yedolobha. Nomkakhe wayengowayo yonke inhlangano yomphakathi, futhi wayegqoka isitayela saseHollywood, nokunye nokunye. Niyabona ukuthi kwenzekani kuye na? Usemi lapho njengensika kasawoti. Manje, kodwa lapho wayefisa ukuba yiHollywood. Niyabo? Wayefuna ukufana nomhlaba wonke.

185 Kepha uSara wayengowesifazane omuhle kunabo bonke emhlabeni, futhi wathatha ukukhetha kwakhe nomyeni wakhe futhi wahlala phandle lapho kwabampofu bezwe, ukuze akhonze uNkulunkulu futhi abe yindlalifa yesithembiso. Yeka umehluko.

186 Manje, ngenkathi izinto zihamba kanzima, hhayi izinto ezinkulu kakhulu, ezinhle, kodwa zihamba kanzima: Ngolunye usuku u-Abrahama wayehlezi emthunzini wom-oki, futhi wabuka phandle lapho, kufanele ukuthi kwakuphakathi kwasemini, futhi wabona amaDoda amathathu eza, izintuli phezu kwezingubo zaWo onke. Manje, bamba leyomiBhalo emibili, manje. Manje, waWabona, enothuli phezu kwezingubo zaWo. Ase ekhuphuka. No-Abrahama, engowomoya futhi elindele ukubona lesosithembiso, masinya (Waye “ngobizelwe ngaphandle.”) wakuqonda. Kwakukhona into ethize engavamile ngalawo maDoda.

O, kusobala ukuthi Ayengahle ukuba athi, “Sawubona, mnumzane? SiyiziHambi. Sivela ezweni langaphandle.”

187 Wahamba wawahlangabeza, wathi, “Wozani ngapha nihlale ngaphansi kwesihlahla. Ngingathanda ukukhuluma naNi umzuzu nje. Ake ngilande amanzi amancane futhi ngigeze izinyawo zeNu, futhi ngiNinike ucezu lwesinkwa. Bese Niqhubeka nendlela yenu. Hlalani phansi. Yingakho Niza ngalendlela. UNkulunkulu uNithumele ngalendlela ukuze ngikwazi—ngikwazi ukuNenzela lokhu.”

“Awu,” Athi, “hamba, makube njalo,” futhi wahamba, wahlala phansi.

188 Sengathi ngiyambona engena, ethi, “Sara,” emuva etendeni, wathi, “xova ufulawa omncane. Thola isisefo, futhi usefe ukhiphe ukudla okuncane lapha, noma okuthize, futhi wenze amaqebelengwane eziko.” Futhi waphuma wafumana ithole elinonileyo, walihlaba, walinika inceku, wathi, “Lilungise.”

Futhi walilungisa lonke, futhi waliletha phandle phambi kwaKhe, wahlala phansi. Manje, bhekisisani.

189 Njengoba kwakunjalo eSodoma, kuzoba ngalendlela, ngoba lesi yisikhathi sokusha. Uyakukholwa lokho na? Kungcono ukukholwe, lapho ihayidrojini, namabhomu e-athomu, nemicibisholo, nakho konke okunye kundiza nxazonke ngakuwe, kungcono ukukholwe, ngoba kuyeza.

190 Qaphelani. Manje, kwenzekeni na? Nakhu okwenzeka. IziNgelosi zahlala lapho kancanyana, ezintathu zaZo. Zazilokhu zibheke ngaseSodoma. Ngemva kwesikhashana . . . Manje, khumbulani, ezimbili zazo zehlela eSodoma. Bangaki abakwaziyo lokho na? Ababili babo behlela eSodoma, futhi bashumayela. O, u—uBilly Graham wesimodeni, niyabo, wehlela eSodoma, ngoba kwakukhona . . . ULoti wayesezansi lapho, owayemele ikholwa elisivivi, ikholwa elithiyeka emnceleni, umfowethu wehlelo. Wayesezansi lapho eSodoma nalo lonke izwe. Ibandla lakhe lalingelezwe nakho konke okunye. Kodwa wayesezansi lapho.

191 Futhi bathumela uBilly Graham wesimodeni ezansi futhi wabashumayeza, kungekho-zimangaliso, kuphela wabashaya ngobumpumputhe; futhi ukushumayela iVangeli kuyabashaya abangakholwa ngobumpumputhe. Siyakwazi lokho. Hhayi—hhayi—hhayi uLoti washaywa ngobumpumputhe, kodwa, washaywa ngobumpumputhe, njalo, kodwa abanye bashaywa ngobumpumputhe.

192 Manje. Kodwa manje, siyabona ukuthi hlobo luni lwesibonakaliso abalwenzile: bashumayela iVangeli ngendlela yokuthi kwaphuphuthekisa ikholwa langempela wabiza uLoti ngaphambi kokuwa komlilo. Ngabe kunjalo na?

193 Bhekisisani loMfo, wasala ngemuva, yisiphi isibonakaliso Asinika ibandla, "AbaKhe uQobo." Lowo Owasala wayengesiyo iNgelosi. KwakunguNkulunkulu. IBhayibheli lathi KwakunguNkulunkulu. U-Abrahama waMbiza "Elohim," Okhona ngokwamandla akhe, usonhlamvukazi N-k-o-s-i. Bekufanele azi. Nguye owayekhuluma naYe. UNkulunkulu . . .

Umfundisi wathi kimi ngesinye isikhathi—isikhathi, wathi—wathi, "Ingabe usho ukuthi lowo kwakunguJehova uNkulunkulu?"

Ngathi, "Lowo kwakunguJehova uNkulunkulu. O," ngathi, "uyehluleka nje ukuthola ukuthi Mkhulu kangakanani."

194 Senziwe ngani na? Izakhi eziyishumi nesithupha: ikhalisiyamu, iphothashi, iphethroliyamu, ukukhanya kwekhosimikhi. Wavele wathatha isandla esigcwele wahamba "Whewu! Woza lapha, Gabriyeli, ngena kulokhu." Niyabo? "Whewu!" Kuqhunyiswe eyodwa ngapha enye iNgelosi. "Whewu!" Kwaqhunyiswa owodwa waKhe uqobo. Yehlani ngqo, nidle inyama yethole, niphuze ubisi lwenkomo, nidle isinkwa sammbila, futhi wanyamalala phambi kuka-Abrahama ngqo. Niyabo?

195 Awu, lowo nguNkulunkulu ongumnikazi wethu. Ngingahle ngingabi umlotha ongcwele isipuni, noma kanjalo nani, kodwa Angakhuluma (Haleluya!), ngizophuma. Uzongibiza. Ngiyajabula ukuthi Uyangazi, futhi ngiyajabula ukuthi

ngiyaMazi. UnguJehova. Wayelapho-ke. Wayemeleleni na? Lokho Ayeyoba yikho ngezinsuku zokugcina, ehlala enyameni.

196 Manje, bhekisisani. Manje, sithola ukuthi kungukuthi . . . Ake sibone ukuthi hlobo luni lwesibonakaliso Asinika abaKhe abaQobo. Ngokufanayo njengoba Enza ngenkathi Efika emhlabeni, uNkulunkulu enziwe inyama kuKristu. Manje, qaphelani, Wayefulathele ngomhlane waKhe. Futhi Wathi, "Abrahama (Wayazi kanjani ukuthi wayengu-Abrahama na?), uphi umkakho, uSara na?" Ini? Wayazi ukuthi igama lakhe kwakungu-Abrahama, wayazi ukuthi wayeshadile, futhi enonkosikazi, negama lakhe kwakunguSara.

U-Abrahama wamangala, wathi, futhi iBhayibheli lisho ngokuqondile ukuthi u-Abrahama wathi, "Usetendeni emva waKho."

197 Abesifazane babengaziphathi ngaleyonkathi njengoba benza manje: babaleke, futhi babe, bathathe indawo yabayeni babo, futhi bajwayele wonke amabhizinisi, futhi bavote kwezombusazwe, futhi bafake abafo njengoba besanda kufakwa, nezinto ezinjalo. Qhabo. Abazange bakwenze ngaleso sikhathi. Qhabo. Babazi okuningi ngoNkulunkulu. USara wabiza u-Abrahama ngokuthi i "nkosi" yakhe.

Manje, wathi, "Usetendeni emva kwaKho." Etendeni emva kwaKho.

198 Wathi, "Abrahama (Lalela!), Ngi (O, umusa! *Ngi*, leso sabizwana somuntu futhi), Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sempilo, njengoba Ngakwenzela lesosithembiso ekuqaleni, eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu edlule."

199 Nansi iNdoda idla isinkwa sommbila, idla inyama yethole, futhi iphuza ubisi lwenkomo, nebhotela phezu kwesinkwa, akungabazeki, ihlezi lapho idla lokho, futhi ithi, "Ngakwenzela isithembiso, futhi Ngizokwenza." Amen.

No-Abrahama waMbiza ngo "Elohim," uNkulunkulu uSomandla. Lapho, kwakukhona, ehlezi lapho, wathi, "Ngizokuvakashela ngokwe . . . "

200 Futhi uSara, emuva etendeni, wahamba, wahleka, wathi, "Mina, isalukazi lapha, esineminyaka eyikhulu ubudala, futhi ngizijabulise nenkosi yami kanjalo na? O, bekungeke kube njalo."

201 Futhi i—iNdoda ehlezi lapho yathi, "Uhlekeleni uSara na?" O, hlobo luni lokufunda ingqondo lolo na? Hlobo luni lwe . . .? Owesifazane etendeni emva kwaKhe. Wathi, "Uhlekeleni na?"

202 Manje, bhekisisani. UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," ukuthi uNkulunkulu wayezoZibonakalisa enyameni yomuntu, iBandla laKhe, uMzimba kaKristu, futhi

wayezokwenza isibonakaliso esifanayo. Lapho-ke oweZizwe uyakuthola.

203 Manje. "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Ngabe Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Niyabona ukuthi Wazazisa kanjani Yena uqobo kumaJuda na? Wazazisa kanjani Yena uqobo kwabeZizwe na? futhi, noma, kumaSamariya na? futhi wakwethembisa oweZizwe.

204 Manje, sesibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili, akukaze kube sebandleni. Kodwa kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa. Umprofethi wathi, "Kuyoba khona usuku olungayikubizwa ngobusuku noma imini, kepha ngokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya."

Manje, lalelani. Ngivumele. . . Ngolunye usuku kuleliviki, iNkosi ithanda, ngifuna ukushumayela ngokuthi *Lapho Kuhlangana IMpumalanga NeNtshonalanga.*

205 Manje, wonke umuntu onanoma iyiphi imfundo uyazi ukuthi impucuko ihambe kanye nelanga, kusukela empumalanga kuya entshonalanga. Bangaki abakwazi lokho na? Impela uyakwazi. Impucuko, endala kunazo zonke esinayo yiShayina, futhi siza khona ngqo. Impucuko ihambe kanye nelanga.

206 Manje, kubantu basempumalanga. . . Emkhathizweni osempumalanga i-l-a-n-g-a liphuma lishone entshonalanga, kubantu basentshonalanga: i-l-a-n-g-a. Futhi iN-d-o-d-a-n-a kaNkulunkulu, ngokufanayo ne-l-a-n-g-a likaNkulunkulu, iN-d-o-d-a-n-a kaNkulunkulu yeza kubantu basempumalanga kuqala, amaJuda [Amagama esiNgisi athi "Son" nelithi "sun" azwakala ngendlela efanayo kodwa apelwa ngendlela ehlukile—Umh], futhi ngakho. . . Ngabe kunjalo na? AmaGreki nokunye nokunye, eza empumalanga.

207 Manje, sekube neminyaka eyizinkulungwane ezimbili obekukhwantabele. Benze izinhlangano, futhi bakha izibhedlela, futhi bakhe amasonto, benza lokho uJesu abatshela ukuthi bangakwenzi. Akakaze athi yakhani amasonto. Akakaze athi yakhani izinhlangano. Wathi, "Shumayelani iVangeli (Kunjalo.), bonakalisa amandla kaNkulunkulu."

208 Kodwa lezi zinto sezithathe indawo yazo. Baluphilile usuku lwabo. Kodwa manje, "Ngesikhathi sokuhlwa," Wathi, "kuyakuba ngukuKhanya." Futhi iNdodana efanayo eyakhanya empumalanga ikhanya entshonalanga. Izibonakaliso ezifanayo zikaMesiya ezenziwa lapho ukufakazisa ukuthi kwakunguMesiya, zikhanya entshonalanga. Futhi sisoGwini lwaseNtshonalanga. Singamayadi angamakhulu amahlanu, cishe impela, ukusuka olwandle. Futhi uma sihamba ngaleyo ndlela, siyaphi na? Sibuyela eShayina futhi. Impumalanga nentshonalanga sekuhlangene.

209 Yingalesosizathu isono sibhodla phezulu lapha oGwini lwaseNtshonalanga. Kubi kabi, futhi kubi kabi. Ngani, sasivame

ukuthumela eFrance ukuze sithole amaphethini. I-France ithumela kithi ukuthola izimfashini kwabesifazane.

210 Abesifazane bethu bePentecostal, ngiyanidabukela. Nina madoda ePentecostal, enibhema osikilidi futhi niqhubeka, futhi nishada amakhosikazi amathathu noma amane, namadikoni emabandleni. Ngiyanidabukela. UNkulunkulu makabe nomusa emphefumulweni wakho owonayo. Nani zinhlangano ze—zeMethodisti, neBaptisti, ne-Assemblies of God, namaChurch of God akuvumelayo lokho . . .

211 Wena uthi, "Uhlale ugcona abesifazane." Noma iyiphi indoda ezovumela umkayo ukuthi agqoke izikhindi futhi abheme osikilidi, kukhombisa ukuthi yenziwe ngani. Ayisiyo indoda.

"O," wena uthi, "u—unonya, Mfowethu Branham."

212 Anginjalo. Anginalo unya. Ngishumayela iZwi likaNkulunkulu. Lilungile impela. Ngiyanidabukela. Zithintitheni niswanguluke. Buyelani kuNkulunkulu. "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Banumzane, sithanda ukubona uJesu.

213 Ingabe Wayencenga na? Ngabe ukhona umprofethi owake wancenga na? Waqinisa ngophawu ubufakazi baKhe ngeGazi laKhe. Amadoda kaNkulunkulu eqiniso awasoze ancenga ngohlelo lwethelevishini izibhakela ndawana thize, noma angenise imali, noma uhlelo oluthile olukhulu lwezemfundo. Uzokhuluma iqiniso. Uma kubiza ukuphila, uzokhuluma iqiniso. Kunjalo.

214 Bangahle bakuzonde ngelinye ilanga, kodwa ngolunye usuku oluzayo lapho bezokuthanda khona, ngoba ukhuluma iqiniso. IZwi likaNkulunkulu lithi kuyiqiniso. Awukho umBhalo eBhayibhelini ngokuziphatha kwebandla lePentecostal namuhla, hhayi nakancane, kuphambene nakho, ningasaphathwa-ke nina Baptisti neMethodisti.

215 Whewu! Ngiyazi ukuthi lokho kunamandla, kodwa yilokho engifuna kube yikho, ukuze niqonde. Futhi ngolunye usuku nizohlangana ngaleya eNdaweni yokwaHlulela. Mfowethu, yiZwi likaNkulunkulu. Abefundisi benu nokunye nokunye, sebentekenteke kunamanzi okugeza izitsha. Kungukuthi, ibandla liyithikithi lokudla esikhundleni sepulpiti. Kunjalo.

216 Siyawadinga amadoda kaNkulunkulu azoma futhi akhulume iqiniso, kungakhathalekile ukuthi kuzwisa ubuhlungu kubani. Uma kukhiphela abadikoni, abaphatheli, nakho konke okunye, thembeka.

217 Mela uNkulunkulu, futhi ukholwe iZwi laKhe, futhi uNkulunkulu uzoliqinisekisa leloZwi. Lake laqondaniswa ngqo kanye; lizophinda liqondaniswe ngqo futhi. Kodwa ufanele uqondaniswe ngqo nalo. Awukwazi ukubamba umbhobho

wesibhamu nga*le*ndlela futhi ulindele ukushaya nga*leyo*ndlela. Ngeke ukwenze. Sibambe ngakwesokunxele nangakwesokudla. Ngeke kukwenze lokho. Uzodubula umugqa oqondile. Sifanele singene kulomBhalo futhi siKudubule ngqo. Amen.

"Banumzane, sithanda ukubona uJesu." IBhayibheli lathi, "Unguye izolo, namuhla, phakade."

Sinikeze imizuzu eyishumi nanhlanu, nizokwenza na? UMoya oNgcwele ebandleni lapha.

218 Manje, uma ngizwise ubuhlungu, ngoku-, . . . Qhabo, ningangithetheleli. Hhe-e. Ningakwenzi. Hambani nje niye ekhaya, nicabange ngakho isikhashana. Angizange . . . akuqondiwe . . . Kuzofanele ngikhulume izinto ngesinye isikhathi ezisika njengemimese futhi . . . Kodwa—kodwa, mfowethu, ngi—ngibophezelekile. Ngibophezelekile phambi kukaNkulunkulu ukukhuluma okuyiqiniso. Khona-ke uma ngikhulume iqiniso, uNkulunkulu uzoliqinisekisa ukuthi liyiqiniso. Manje, ake sibone ukuthi ngikhulume iqiniso noma qhabo. Ake sicele uBaba ukuthi eze enkundleni. Ake sicele uNkulunkulu ukuba eze, futhi asekele lokho . . . uma lokho kuyiqiniso. Uma kungelona iqiniso, Angeke alisekele. Uma kuyiqiniso, Uzoleseka.

219 Nani bantu eningathanda ukuMbona, uma Ezofika futhi enze yona impela into efanayo kulobubusuku kulelibandla . . . Akunandaba ukuthi Ungigcoba kangakanani, Uzofanele akugcobe nawe. UJesu waya ezweni laKhe uQobo, futhi imisebenzi eminingi yamandla aKakwazanga ukuyenza ngenxa yokungakholwa kwabo. Kodwa ngenkathi ethola omunye owamkholwayo, owesifazane wathinta umphetho wengubo yaKhe futhi waphiliswa ngokuphelele. Yebo. Ningathanda ukubona uJesu na?

220 Manje, uma . . . Akunandaba ukuthi Ubeyogqoka kanjani, ukuthi Ubeyobukeka kanjani, uma lokhu kuPhila kukuYe, kumuntu noma kubantu, kuyokwenza izinto ezifanayo Azenza, ngoba Wakwethembisa. Ngabe leso yisibonakaliso sikaMesiya manje ezinsuku zokugcina na? Bangaki abakuqonda kahle na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakuqonda. Ngiyakukholwa." Asikhuleke.

221 Baba onomusa, o, kungani kufanele ngisho lezozinto kanjalo na? Ngi—ngi . . . Abantu abondla abantwana bami, a—abantu abangigqokisa izingubo emhlane wami, bangikhokhele indlela yami izwe lonke, futhi nokho, Nkulunkulu, mabaqonde ukuthi ngi—ngizama kuphela ukubanyakazisa, Nkosi. Ngi—ngizama ukubuyisela ibandla endleleni endala futhi. Mabaqonde. Kwangathi uMoya oNgcwele ungabazisa ukuthi akukhona ngonya; akukho in- . . . ukungabi nandaba; kodwa wukuba neqiniso, Nkosi, nokukhuluma iqiniso kungakhathaleki.

222 Manje, Baba, Uzosisekela iqiniso laKho kulobubusuku na? Ngibanikeze isitatimende esiqinile sokuthi Wena usenguye izolo, namuhla, naphakade. UMoya oNgcwele mawuze kulobubusuku, Baba, futhi ugcobe lesi sigejane esincane sabantu lapha.

223 Futhi bazise ukuthi laba bantu. . .Ngikhuluma lezizinto, kodwa kuyaqoshwa lapha. Leteyipu izohamba emhlabeni wonke. Izohunyushwa ngeziningi, ngezilimi eziningi ezahlukene emhlabeni jikelele, nabantu abavela yonke indawo bazobe beyizwa. Futhi ngifanele ngilinganise amazwi ami, Nkosi, ukuthi ayiqiniso; namaZwi aKho, futhi hhayi awami.

224 Ngicaphuna Wena kuphela, ngivuma, njengoba iBhayibheli lisho, ukuthi Wena manje ungumPristi oMkhulu wesivumo sethu. Ngiyavuma iZwi laKho ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Khuluma, Nkosi Nkulunkulu, futhi abantu mabazi ukuthi—ukuthi Uwena owanikeza uMlayezo, hhayi inceku yaKho. Siphe khona, Nkosi.

225 Sikunikela konke kuWe manje. Bengingeke ngisasho lutho. Futhi iZwi elilodwa elivela kuWe lizoba ngaphezu kwanoma yimuphi umshumayeli angashumayela eminyakeni eyisigidi, iZwi elilodwa nje. Siyazi ukuthi Likhona, siyazi ukuthi Liyiqiniso.

226 Futhi manje sifuna Wena uqinisekise iZwi ngezibonakaliso ezilandelayo, njengoba Wethembisa, ukuze bazi ukuthi ngibatshele iqiniso, ukuthi Wena unguMesiya. LeNsika yoMlilo enkulu abanesithombe sayo, lapha, futhi evela eJalimane, evela eSwitzerland, evela ezweni lonke, lapho beyithathe khona, ukuthi yiNsika yoMlilo efanayo eyahamba nabantwana bakwa-Israyeli.

227 Ngenkathi Efika lapha emhlabeni, sithola ukuthi leyoNsika yoMlilo yahlala emzimbeni, iNdodana kaNkulunkulu. Sayibuka imisebenzi Ayenzile. Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu." Kamuva, emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka Wabuyela kuBaba.

228 Futhi ngolunye usuku uSawulu waseTarsu wayesendleleni yakhe eya eDamaseku ukuyobopha abantu, futhi leyoNsika yoMlilo enkulu efanayo yamshaya phansi, ukuKhanya okwakhipha amehlo akhe, kwamenza waphuphutheka isikhashana.

Futhi Wathi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wayengazi ukuthi leyoNsika yoMlilo yayiyini. Wathi, "Ungubani Wena na?"

"Kunzima kuwe ukukhahlela ameva."

"Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu."

229 Manje, Nkosi, izwe lesayense liyazi, emva kokuba sebesithathile isithombe, ukuthi yiNsika yoMlilo efanayo. UkuKhanya okungaqondakali okungesona nje isenzakalo, kodwa ishaywe emisebeni yamakhamera ezizweni.

230 Manje, uma kunguMoya ofanayo, khona-ke Uzokwenza umsebenzi ofanayo uma abantu bengazingenisa esimweni esifanayo. Makube njalo kulobubusuku, Nkosi, ukuthi mina nalelibandla, nalaba bazalwane, ukuze Uzibonakalise Wena ukuthi unguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.

231 Lapho sihamba namuhla ebusuku sizobe, njengalabo abavela e-Emawuse, sifuna ukuKubona wenza manje, izinto Owazenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, nezithembiso zaKho ukuthi Uyokwenza, futhi emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, sengathi Ungazibonakalisa Wena kulobubusuku, futhi lapho siya ekhaya, sizothi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, njengoba EZazisile phakathi kwethu kulobubusuku na?"

232 Futhi Nkosi, ngikholwa ukuthi kuzokwenza abantu babuyele emkhulekweni nasekuzileni ukudla, futhi—futhi lelibandla elincane lizokhula, namandla kaNkulunkulu azoba kulo, futhi aprofethe nezibonakaliso ezinkulu nezimangaliso, nabesifazane namadoda beqondile futhi behamba phambi kukaNkulunkulu ngobumnene. Futhi, o, ukwesaba uNkulunkulu okunje kangakanani okuzofika ezweni, Nkosi. Banike izibonakaliso ezinkulu nezimanga. Siphe khona. Qinisa iBandla laKho Nkosi.

233 O Nkulunkulu, biza abantu baKho; bakhiphe kulesisiphithiphithi ezinsukwini zokugcina. Siphe khona. SizoKulinda, Baba, ukuthi ukhulume nathi emgqeni womkhuleko, njengoba sibiza, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

Manje, uma nje uzosibekezelela okwembalwa nje... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

234 Wake wakubona nini kwehluleka na? Akwehluleki, ngoba nguNkulunkulu. Angeke kwehluleke. UNkulunkulu ukuthumele lokho. Futhi kungokoqobo kimi njengoba kunjalo kuwe ukuphuza amanzi. Niyabo? Nginokwethemba nje ukuthi uNkulunkulu uzonyakaza enkundleni njengoba ngimi kulomsamo kulobubusuku, ngoba yisithembiso saKhe.

235 Futhi uma Ezokwenza lokho, khona-ke lokho kuzokhombisa ukuthi UnguMesiya ofanayo ebuya. Manje, kubani na? Hhayi ngaphandle, ezinhlanganweni ezinkulu nezinto, kodwa kwabaKhethiweyo (Niyabo?), eBandleni. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? AbaKhe uQobo.

Wena uthi, "Kungani ungenalo uhlelo olukhulu lwethelevishini na?"

Wathumela kwabaKhe uQobo, abaKhethiweyo, ababizelwe ngaphandle, hhayi abaqhakazile.

236 UJesu wayengenabo ubukhazikhazi. Wayengeyena umbukisi. Yena—Yena . . . Bathi, "Kungani ungasuki kulesosigejane ezansi lapho emfuleni na? Uzilulaza nesigejane nje sabagingqiki abangcwele," uyazi. "Khuphukela lapha futhi ubonise uKayafase lokho ongakwenza." Akazange akwenze. E-hhe. Waye, egcinwe ngokuzithoba, ngokuthula.

237 Weza kwabaKhe uQobo, ukuba . . . Wazazisa Yena uqobo kwabaKhe uQobo, phambi kwamaJuda, labo abaMnqabayo, baqhubekela ePhakadeni. Labo abaMamukelayo futhi bakukholwa, igama labo alinakufa, futhi bazohlala inguna phakade. Kunjalo.

238 Manje, angisiYena. Ngingumfowenu nje. Ngingumfowenu, inceku kaJesu Kristu, ngithunyelwe lapha nabazalwane, kanye nani bantu lapha, ukuba . . . ngesipho esibonakalisayo. Futhi ukuba benginesikhathi, bengingakuthatha eBhayibhelini kuleliviki, futhi ngifakazise kini ngomBhalo emva komBhalo, ubufakazi obungenaphutha bokuthi leli ihora lakho. Ungakuvumeli kudlule kuwe. Niyabo?

239 Nansi intombazane. Angikaze ngiyibone empilweni yami, owesifazane osemusha othandekayo. Ingahle ibe ngumKristu; ingahle ingabi nguye. Ingahle ukuba—ingahle ukuba iyagula; ingahle ingaguli. Ingahle ibe nezinkathazo zezezimali, izinkathazo zasekhaya. Angikaze ngiyibone empilweni yami. Kodwa nanku umbono ophelele walokho ebengikhuluma ngakho.

240 Nansi indawo ebonakala yonke indawo encane kulobubusuku. Nansi indoda futhi nangu owesifazane, behlangana okokuqala. Ivele yaphakamisa isandla sayo, ibingangazi, futhi nazi izandla zami angiyazi, angikaze ngiyibone empilweni yami. Niyabo? Futhi ithe bengiyisihambi kuwe. Ngabe kunjalo, nenekazi na? Nakhu la sikhona.

241 Manje, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Wayezokwenzani ukuba Uvele enkundleni na? Njengoba Enza nje ngosuku emthonjeni, owesifazane ongumSamariya. Ngabe kunjalo na?

242 Manje, Angenzani na? Uyangigcoba futhi uyamgcoba. Uma Engakwenzi, angikwazi ukusho into eyodwa. Lesi yisimungulu kuze kukhulume okuthile kuso. [UMfowethu Branham ushaya kancane imayikrofoni—Umhl.] Nami ngokunjalo. Angiyazi. Ayingazi. Pho kanjani—ngizokwazi kanjani noma yini ngayo na?

Manje, ukuba ngingathi, "Nenekazi, uyagula na?"

Beliyothi, "Yebo, mnumzane, Mnu. Branham, ngiyagula."

243 "Udumo kuNkulunkulu! Haleluya!" Mnyakazise, uthi, "Udumo kuNkulunkulu! Kwemukele. Haleluya! Qhubeka.

Uphulukisiwe." Lokho kungaba kuhle. Impela, lokho bekungaba kuhle. Ibiyokukholwa, ibiyophila. Impela.

244 Njengalokho uCharlie Fuller akusho phansi lapha ngesinye isikhathi, Mfowethu Fuller, wathi, "Ngiyakholelwa kuleziziphiwo, futhi ngiyakholelwa kuleziziphiwo ezinkulu zokuphulukisa, futhi, kodwa," wathi, "ziyizipho zokuphulukisa, kodwa uNkulunkulu uzokwenza lawo madoda aphendule eNdaweni yokwaHlulela ngokuthengisa." Nami ngikholwa kanjalo nami. Uqinisile, lapho. Yebo, mnumzane. Musa ukuthengisa uNkulunkulu. Akakwazi ukuthengiswa. Kodwa uNkulunkulu uyokwenza ukhokhe ngalokho okwenzayo, ngendlela okusebenzisa ngayo.

245 Manje, nenekazi, ngiyisihambi. Omunye, unekhadi lomkhuleko esandleni sakhe, omunye ufanele alithole. Woza lapha, S'thandwa. [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] O, ku—o, ku—akunjalo, ngiyabona, ngokunye, okuthile okunye lapho. Ngicabange ukuthi bekuyikhadi lomkhuleko. Uxolo. O, yona i . . . kungokwe . . . inekhadi lomunye umuntu. Kulungile.

246 Manje, uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade . . . Manje, ngikufanikisela iBhayibheli, ibandla lePentecostal, ngiqonde *lokhu*, *lapha*, Ngikufanekisela iBhayibheli nokuthi uJesu ubeyini izolo. Manje, Washo ukuthi kulolusuku lokugcina Uyokwehla esenyameni yomuntu, njengoba Enza eSodoma, futhi ubeyokwenza into efanayo. Manje, uma Ezobuya futhi enze njengoba nje Enza kumaSamariya nakumaJuda, uzoMkholwa ukuthi unguMesiya olapha esakhiweni kulobubusuku na? Phakamisa izandla zakho uma uthi, "Uma Ezokwenza into efanayo, ngizoMkholwa."

Awu, loludaba olulodwa kufanele likuxazulule. Uma uthembekile enhliziyweni yakho, kufanele kukuxazulule.

247 Manje, silapha, sobabili singaphansi kwesifungo ukuthi asazani. Kulungile. Manje, uma uNkulunkulu ezokwembula kimi okuthize okwenzile, owaziyo ukuthi ngeke ngazi lutho ngakho, noma okuthile o—ohlela ukukwenza, engingazi lutho ngakho, noma okuthize ngawe, ukuthi iyini inkathazo yakho, ukuthi ukugula kwakho kuyini, ukuthi ukuhlupheka kwakho, noma—noma *okuthize okunye*, into enjalo, khona-ke ungakholwa ukuthi bekunguYe na?

248 Lokho bekungaba . . . kuzofanele kufike ngohlobo oluthile lwamandla. Uma ukholwa ukuthi kungamandla aKhe, khona-ke uthola izibusiso zaKhe. Uma ukholwa ukuthi ngamanye amandla, awu, lokho kuphakathi kwakho noNkulunkulu. Niyabo? Bengingeke ngazi ukuthi bekuzokwenzekani lapho.

249 Manje, uma Ezokwenza, uzokwemukela, uma Ebengakwenza ngendlela efanayo Ayenza eBhayibhelini, njengaYe nalowo wesifazane emi, ekhuluma, ubungakukholwa,

uzokwenza, nenekazi na? Nebandla lithe bebeyokukholwa. Manje—manje sekuyisikhathi sikaNkulunkulu sokuthatha isinyathelo. Niyabo?

250 Manje, silapha, mhlawumbe amakhulu amathathu noma amane, abantu abangamakhulu amathathu, empeleni, behlezi phakathi lapha kulobubusuku. Kulungile. Bukani lapha, ngaphambi kwabantu abangamakhulu amathathu, ngibone izinkulungwane ezine, ezingamakhulu amahlanu eBombay, eNdiya, niyabo, izinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi ayisikhombisa nanhlanu eThekwini, eNingizimu Afrika. Akwehluleki. NguNkulunkulu.

251 Manje, uma Engakutshela lokho obuyikho, impela Angakwazi . . . ubungakholwa, uzokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso noma qha. Lapho Ekhuluma, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso yini.

252 Awu, uma kunjalo, futhi Usho lokho obuyikho, kuthiwani ngalokho obuyoba yikho na? Ubungakholwa kalula khona-ke, ubungeke, uma Ebengasho lokho na? Kulungile.

253 Owesifazane osemusha, manje, angikaze ngimbone empilweni yami. Mncane kakhulu kunami, sizalwe iminyaka ngokwehlukana, mhlawumbe ngokuqhelelana ngamamayela, nokuhlangana kwethu okokuqala. Kodwa manje, ngikhuluma naye nje ukuze ngibambe umoya wakhe, njengoba nje iNkosi yethu yenza kowesifazane emthonjeni. Futhi ngiyabona manje ukuthi uyikholwa, futhi uyahlupheka. Ufuna umkhuleko wohlobo oluthile lwesifo sesikhumba onaso. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyakholwa na?

254 Manje, ngiyagcina, yonke imihlangano, ngizwa lokho, omunye uthe, "Ukuqagelile lokho." Manje, awukwazi ukufihla imicabango yakho manje. Ulapha. E-hhe. Niyabo? Wena uthi . . . Manje, wena . . . Angizange ngikuqagele lokho. Thola.

255 Ubonakala unokuxhumana okuhle noMoya kaNkulunkulu. Manje, angazi ukuthi ngikutsheleni. Bekungemina lowo. BekunguYe lowo. Kusesiqophini lapho. Ngingakwazi ukuhlehlisa lokho futhi ngazi ukuthi bekuyini, kodwa angazi manje.

Kodwa uma nje uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe! (Lelo gama liyabakhubekisa abantu, niyabo.) Ngakho, uma nje ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho!

256 Yebo, mnumzane, yisifo sesikhumba. Yilokho engikutshele khona. Futhi—futhi nansi enye into. Unekhanda elibuhlungu, ubuhlungu bekhanda obubi ngempela. Bese kuthi-ke, kunabantwana ababili engibabonayo ofuna bakhulekelwe. Futhi omdala kunabo bonke uhlushwa isimo semizwa. Omncane uhlushwa into ethile engahambi kahle enqulwini, yithumba enqulwini. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ungubani,

kungakwenza ukholwe manje ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyazi ukuthi angikwazi, kodwa Nkk. Bowman, ungagoduka. Kholwa eNkosini uJesu Kristu futhi uphiliswe. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

257 Uyakholwa na? "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Manje, yiba nokukholwa nje. Manje, nansi indoda. Angikaze ngiyibone empilweni yami. Mhlawumbe indala kunami. Siyizihambi komunye nomunye. Futhi angikwazi, nawe awungazi. Kodwa uma uNkulunkulu engangitshela okuthize, noma . . .

258 Manje, thulani ngempela. Akunganyakazi muntu. Niyabo, niyimimoya. Niyabo, ngamunye wenu ungumoya. Niyakwazi lokho na? Lesi yisandla sami, njengoba ngishilo izolo ebusuku, lesi yisandla sami; lo ngumunwe wami; le yindlebe yami; leli ikhala lami, amehlo ami. Kodwa mina ngingubani na? Niyabo, leyo yinto engeyami. Ngingumoya.

259 Uzele omunye umuntu lapha. Awukho ngesingawe. Umuntu omzele lapha ugula kakhulu. Banethunzi lokufa phezu kwabo. Umdlavuza. Abekho lapha. BasePhoenix, e-Arizona. Hamba, ukholwe, futhi bazosinda. Kulungile. Njengoba ukholiwe, makube njalo kuwe. UNkulunkulu akubusise.

Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi. Uyakholwa na?

260 Kuthiwani ngawe uhlezi lapho, nenekazi, esihlalweni na? Kuvele kwakuxhuxhumisa nje, kukhona okwenzile, khona lapho, akukwenzanga na? Lelinenekazi elihlezi lapha nejazi lalo, lilele liphakamise isandla salo, lingibuka *kanjalo*. Ya, khona lapha ekugcineni. Uyakholwa ukuthi umfutho wegazi ophezulu uzokushiya futhi uzophila na? Kulungile, khona-ke. Qhubeka nje. Ungaphiliswa.

Uthinteni na? Ukude ngamafidi angamashumi amathathu nami. Uthinte umPristi oMkhulu ongathintwa umuzwa wobuthakathaka bethu. Lowo nguYe.

261 Siyizihambi komunye nomunye, mnumzane. Angikwazi. Awunjalo, mhlawumbe, awungazi, ngaphandle uma kungokwegama nje, noma uhlezi emhlanganweni ndawondawo futhi wangibona. Kungukuthi, kodwa ukwazi omunye nomunye, asazani. Siyizihambi komunye nomunye.

262 Manje, uma iNkosi uJesu izokwembula kimi okuthile ngawe okwaziyo ukuthi angikwazi, ingabe uzoMkholwa njengoMesiya na? Hhayi mina, kodwa Yena esebenza ngami. Mina nje, isipho, ukuzithoba mina uqobo nje kuMoya waKhe, futhi ngiphumile endleleni futhi Yena uyakhuluma. Niyabo? Awu, uma Ezokutshela, uyazi noma kuyiqiniso noma qha, kungeke na? Uyagula, kukhona okungahambi kahle ngemithambo. Yimithambo eyimiqhansa. Kunjalo impela.

263 Kodwa ngibona owesifazane evela, othile omkhulekelayo. Udadewenu. Uphazamisekile engqondweni, futhi uyamkhulekela. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Lokho kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho. Uyakholwa eNkosini uJesu manje na? Hamba, wamukele lokho okucelile.

EGameni leNkosi uJesu, siphe khona.

264 Sawubona? Uxolo. Ngangingekho ngeyami imys-. . . ngingaphapheme, ngibukela ukuKhanya. Bengingenaso isiqiniseko. Ngiyabona lapho Kume khona, kodwa bengingenaso isiqiniseko sokuthi yini—yini eyenzekile. Uyabona? Uyabo, ngi—ngifanele nje ngiKulandele. Uyabo, ngi . . .

265 Manje, usukulungele ukuhlinzwa. Kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisa kulokho na? Unezimila ezintathu ezindaweni ezintathu ezahlukene. Uma ngizokuchazela zona, ingabe kuzokusiza na? Enye yazo isemphinjeni, enye isendlaleni yowesifazane, kanti enye isekhwapheni lakho lesokudla. Nkk. Macintosh, igama lakho lelo, hamba uye ekhaya ukholwe yiNkosi uJesu Kristu futhi uphiliswe, eGameni leNkosi uJesu.

266 Uyakholwa na? "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Awu, lowo nguYe, yilowo muzwa. Manje, lokho akuqinisekisi yini ukuthi ibandla lePentecostal elizwa lesosibusiso, leyo yiNkosi uJesu, niyabo? Wenza imisebenzi efanayo. Akumina lowo.

267 Angibazi laba bantu. UNkulunkulu waseZulwini uyakwazi lokho. Angibazi abantu, kodwa uNkulunkulu uyabazi. Uma ukholwa, konke kungenzeka.

268 Owesifazane uneduku lakhe phezulu lapho. Lokho kuKhanya kusephezu kowesifazane. Ngabe yilowo wesifazane, obesemsamo khona manje, uphakamise iduku lakhe na? Ubuphezulu lapha na?

269 Qhabo, ku—kungemuva kwakho ngqo. Inenekazi emva kwakho ngqo linesifo samathambo, lihlezi laphaya ekugcineni, kholwa eNko-. . .yilokho-ke, dadewethu. Amen. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa ukuthi isifo samathambo sizokushiya na? Uyakholwa na? Uma unesifo samathambo, nyakazisa isandla sakho *kanje* ukuze abantu bazi. Ubuhlezi lapho ukholwa, nalowo wesifazane weza nogcobo. Manje, hamba uye ekhaya futhi uphile. UJesu Kristu ukuphulukisile. Uthinteni na?

Angikwazi wena. Siyizihambi komunye nomunye. Kunjalo, ungaphakamisa izandla zakho kanye nami na?

270 O, uma abantu. . .Uma nje ungakholwa, yini ebingenzeka njengamanje! Bekuzoba nemvuselelo equbuka kuloluGu lwaseNtshonalanga ezoshanela umhlaba wonke. Uma nje kuphela ungakwazi ukubona lokho engikubukayo! Ngi—

ngiyethemba, impela, ngi—ngifumene umusa emehlweni akho phambi kukaNkulunkulu. Ngikutshela iqiniso, futhi uNkulunkulu uqinisekisa ukuthi kuyiqiniso. Lokho uNkulunkulu afisa ukukwenza khona lapha kulelibandla kulobubusuku! Kuyaphawuleka. Kodwa ngi—ngiba buthakathaka. Niyabo? Bheka nje esandleni sami. Uyawubona lo mjuluko na? Lokho ngukuthi nje. . .Bangaki owaziyo ukuthi lokho kukwenza ube buthaka na?

271 Owesifazane oyedwa wathinta ingubo yaKhe, Wathi amandla aphuma kuYe, futhi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Manje, ngiyisoni esisindiswe ngomusa. UDaniyeli wabona umbono owodwa; wamhlupha ekhanda lakhe izinsuku eziningi. Niyabo? Kholwa nje.

272 Manje, lendoda, sobabili sithi siyizihambi omunye komunye, asazani. Kodwa uNkulunkulu uyasazi. Manje, uma Engangembulela okuthize ngawe, ukuthi—ukuthi uyazi ukuthi angikwazi, kungakwanelisa ukuthi u. . .? Ingabe nonke, ngisho nomugqa womkhuleko, yonke indawo, nikholwe ngenhliziyo yenu yonke na?

273 LeliBhayibheli lilele lapha, nalendoda nami simi lapha, asikaze sihlangane ngaphambili empilweni, siphakamise izandla zethu, asikaze sihlangane ngaphambilini. Manje, uJesu wathi Wayibona imicabango yabo. Bangaki abakwaziyo lokho na? Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli lathi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili. Futhi linguMahluleli wemicabango yenhliziyo, izinhloso nemicabango yenhliziyo nengqondo." Ingabe iBhayibheli liyakusho lokho na?

274 IZwi likaNkulunkulu, awu, laliyini iZwi likaNkulunkulu na? UJesu. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Futhi lapha uLizwi ubonakaliswa enyameni yethu. O Nkulunkulu! Ngokuqinisekile ngeke ukugeje, ngokuqinisekile, ngokuqinisekile. Kholwa.

275 Isipho nje, mnumzane, ngizama ukuzikhulula futhi ngibambe umoya wakho. Njengoba kungabonakala kuyinqaba, ngibabonile bebeka-. . .abantu belele befile. IFinland, izindawo ezintathu noma ezine ezahlukene engizibonile empilweni yami, futhi uNkulunkulu wayeyovumela umoya wami ukuba ungishiye uze uphumele ezweni, futhi uwubambe lowomoya, futhi uwubuyisele ngqo kulowo muntu. Iqiniso. UNkulunkulu waseZulwini uyazi ukuthi kuyiqiniso. Niyabo? Manje, njengoba kukuwe, futhi usengaphansi kwenkululeko yokuzikhethela, uzofanele uthathe isinyathelo. Futhi angikwazanga ukwenza lokho ngaphandle kokuthi kube u—umyalo kaNkulunkulu engikhombisa umbono.

UJesu wathi, "Angenzi lutho ngaphandle kokuthi uBaba aNgikhombise."

Khona-ke uyothi, "Angakukhombisa ukuthi ngiyaphila, noma yini . . . ?"

276 Angangikhombisa ukuthi iyini inkathazo yakho, kodwa ufanele wemukele, ukukholwa kwakho. Bengingeke ngakusindisa, kanjalo bengingekwazi ukukuphulukisa. Sekuvele kwenziwe. Kodwa Ulapha manje ukukhombisa ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo owaloba amaZwi. Niyabo?

277 Manje. Yebo, ugula kakhulu, ulungiselela, uya esibhedlela kusasa ngenxa ye-TB. Kunjalo. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi ungakwenza . . . uzophila, futhi ubuye ekhaya manje, uzoba kahle na? Uyakukholwa na? Ukube bengingakutshela ukuthi ubungubani, bekungakusiza lokho na? Kulungile. Walter Kaiser, qhubeka, futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Kunjalo. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Vele ube—ube nokukholwa.

278 Uhlezi lapho, mnumzane, ugqoke isudi empunga, ubenenkathazo ngamaphaphu akho futhi. Uma ungakholwa . . . Ya. Niyabo? Ya, ube nenkathazo yamaphaphu. Ngikuqaphelile lokho kuKhanya kubaneka phezu kwakho, masinya lapho esephulukisiwe ngalokho ayenakho lapho. Naye ubenkathazo yamaphaphu yohlobo oluthize. Kudlule phezu kwakho. Ukukholwa kwakho kukuqedile. Hamba uye ekhaya, uphile. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

279 Uhlezi ngemuva ngqo kwalona wesifazane, omunye ubuka lapha ngqo kimi khona manje, ubenenkathazo yamaphaphu. Ngumdlavuza, nasemgogodleni futhi. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Inenekazi elincane elinekhanda elimpunga, uma lokho kuyiqiniso, sukuma ume ngezinyawo zakho. Sukuma ume ngezinyawo zakho. Ngiyisihambi ngokuphelele kuwe. Ingabe lokho kunjalo yini, vayizelisa isandla sakho. Yilokho obekuyinkathazo yakho. Kulungile. Ngithatha igunya. Uyakholwa lokhu kuyiqiniso na?

Khona-ke eGameni likaJesu Kristu, ngiyamlahla lowodeveli.

Hamba uphile.

280 Uyakholwa ukuthi leyonkathazo yenhliziyo izohamba futhi uzosinda, futhi uzohamba uye ekhaya, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Khona-ke hamba, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uphiliswe.

281 Woza. Ucabangani na? Uyakholwa ukuthi isifuba somoya sizokushiya, bese uya ekhaya, uyeke ukukhwehlela na? Khona-ke hamba, ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uphiliswe. Uma ungenjalo . . .

282 Woza dade. Yini unokwethuka na? Ube nokwethuka isikhathi eside. Kulungile. Usuphulukisiwe manje, hamba ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho futhi uphiliswe. Kulungile, mnumzane. Yilokho okukuvimbezelayo.

283 Kulungile, nenekazi. Woza. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Inkinga yakho yeqolo isiphulukisiwe. Hamba, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."

Inhliziyo enokwethuka, uyakholwa ukuthi Uyayiphulukisa na? Hamba, bese uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi" futhi uphulukiswe. Yiba nokukholwa nje. Yilokho kuphela okumele ukwenze.

284 Bheka lapha, nenekazi, kimi. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Leyo nkathazo yenenekazi onayo, inkathazo yabesifazane, kunjalo, hamba uphulukiswe, eGameni likaJesu.

285 Umzuzwana nje. Kukhona okuye ezethamelini. Yebo, indoda ehlezi khona emuva lapha, ihlushwa inkathazo yeqolo, ingibhekile ngqo. Uyakholwa, mnumzane na? Kulungile. Yemukela ukuphulukiswa kwakho. Phulukiswa, eGameni likaJesu Kristu. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

286 Owesifazane ohlezi emva kwendoda lapho unesifo sikashukela. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Sukuma, inenekazi elincane elinekhanda elimpunga elifake izibuko. Uthinte oKuthize, awuzange na? Vuka; uphiliswe. Hamba uye ekhaya, futhi ukholwe iNkosi uJesu Kristu. Yiba nokukholwa.

287 Uma ngingasho lutho kuwe, ngivele ngibeke izandla phezu kwakho, ungathola...? uyazi...? uyakholwa ukuthi lowo nguMoya oNgcwele na? Woza lapha, ake ngibeke izandla kuwe.

Bese-ke, eGameni likaJesu Kristu, uphulukiswe.

288 Manje, woza. Vele ubonise ukuthi bangakwenza kanjani. Niyabo? Uyazi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe. Kodwa uma ngingasho lutho, ingabe kuzolunga, ngibeke izandla phezu kwakho na? Uyakholwa na? Lokhu wugcobo lohlobo oluthile. Kholwa, futhi inkathazo yakho yenhliziyo iyahamba. Ubefuna mina, ngisho lokho, kabi kakhulu.

Kulungile, woza. EGameni leNkosi uJesu Kristu, phulukiswa, futhi uye ekhaya, uphile. Yiba nokukholwa manje, ungangabazi.

289 Inenekazi eliselisha, esikhashaneni esedlule ngenkathi ngishumayela, ubuhlezi emuva ngqo lapho ungibuka. Uphendukile, wabuka owesifazane; umuzwa oyinqaba wangempela udlule phezu kwakho, ngenkathi wena, ngenkathi ngisashumayela, ngisho okuthile ngeNkosi uJesu, ikakhulukazi ngosuku lapho ngikhuluma ngeSodoma, waba nomuzwa ongavamile. Uyakukhumbula lokho na? Kungaleso sikhathi

lapho inkathazo yakho yabesifazane iphulukiswe khona. Manje, hamba uye ekhaya, usinde.

290 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Ngabe Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Phakamisa izandla zakho. Manje, ngifuna ukunibuza, bangaki kini abangamakholwa na? Hlikihla izandla zakho *kanje*. Kulungile.

291 IBhayibheli lasho lokhu, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Uyakukholwa lokho na? Uma, lokhu, lokho Akusho, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza," khona-ke bekani izandla phezu komunye nomunye. Ungazikhulekeli wena; khulekela umuntu obeke izandla zakho kuye. Beka izandla komunye komunye. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

292 Phezulu kuvulandi osesitezi phezulu lapho, leyondoda ihlezi lapho nenkathazo yendlala yesinye, ihlezi ngale ngakwesokunxele, kholwa ngenhliziyo yakho yonke, mnumzane. Yilokho kuphela. UNkulunkulu uyakuphulukisa, uyakusindisa. Kholwa. Beka izandla zakho komunye nomunye futhi nikhulekelane manje.

293 Baba wethu waseZulwini, manje sesiletha uSathane kwelamanqamu. Ungumkhohlisi, futhi wembuliwe kulobubusuku ngamandla nokuvuka kukaJesu Kristu.

Sathane, unqotshiwe empini. Phuma kulaba bantu. Hamba. EGameni likaJesu Kristu, phuma kubo.

294 Ngiyaniyala nonke okholwa nguJesu Kristu, futhi uyazi Ugcina iZwi laKhe, ukholwa ukuthi lowo nguMoya waKhe lapha manje, uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho . . . Ikholwa belibeke izandla zalo phezu kwakho, okwashiwo iBhayibheli, UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." UnguNkulunkulu ofanayo olapha Ezenza ukuba azi ukuthi UnguMesiya wenu wePentecostal.

295 Nonke nina ozoMemukela manje njengoMphulukisi wenu, noma ngabe ukuphi, yima ngezinyawo zakho uMemukele njengoMphulukisi wakho. Ngiyakumemezela kuphulukisiwe eGameni likaJesu Kristu. Phakamiselani izandla zenu kuYe manje futhi niMdumise. Amen.

*NgizoMdumisa. NgizoMdumisa.*

Mdumise nje.

> . . . NgizoMdumisa,
> Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
> O, Mnikeni udumo nonke nina bantu,

UNkulunkulu anibusise.

*Banumzane, Sithanda Ukubona UJesu* ZUL61-0208
(Sirs, We Would See Jesus)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesithathu kusihlwa, ngo Febhuwari 8, 1961, eFirst Assembly Of God Of Long Beach eLong Beach, eCalifornia, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org